



# Izingane, Ezobuchwepheshe Nokudlala

Umbiko wezinto ezibaluleke kakhulu ezitholakale  
ocwaningweni oluhilela abantu abanangi onyatheliswe  
yi-LEGO Foundation, okuwucwaningo olwenziwe ngokubambisana  
ne-University of Sheffield, e-UK, i-University of Cape Town,  
eNingizimu Afrika, kanye ne-5/Dubit Ltd, e-UK



The  
University  
Of  
Sheffield



The LEGO Foundation

**Okufingqiwe  
ikhasi.2**

**Ucwaningo olusha sha  
- izinhloso nezindlela  
zokwenza  
ikhasi.3**

**Okuboniswe  
ubufakazi  
ikhasi.8**



**Ukuhileleka kwabantu  
abadala ekudlaleni  
kwezingane ngezinto  
zobuchwepheshe  
ikhasi.32**

# **Uhlu lokuphakathi**

**Imithelela  
yalolu cwaningo  
ikhasi.36**

**Umbiko ofingqiwe wocwaningo oluphelele owenziwe ngu-Marsh, J. nabanye. 2020  
Umbiko ophelele wocwaningo utholakala ku  
[www.LEGOfoundation.com](http://www.LEGOfoundation.com)**

# Okufingqiwe

## Manje ezobuchwephesheshe seziyingxene yokuphila kwezingane: *ziyithinta kanjani indlela izingane ezidlala ngayo, indlela ezifunda ngayo nendlela ezakha ngayo amakhono abalulekile ngokudlala?*

Ucwaningo olusha olubalulekile, olubizwa ngokuthi Izingane, Ezobuchwephesheshe Nokudlala, olunyatheliswe yi-LEGO Foundation, luthole ubufakazi obuphawulekayo bokuthi ukudlala ngezinto zobuchwephesheshe, ngezinhlobo zazo ezhlukahlukena, kunemiphumela emihle ehlukahlukena olwazini Iwezingane, ubuciko namakhono.

Phakathi kokuqonda okusha okutholakele, lolu cwaningo lubonisa ukuthi ukuchitha isikhathi esanele zidlala ngezinto zobuchwephesheshe, lapho sekuhlolisiswa kahle, kuyazuzisa olwazini Iwezingane, ukwakha kwazo amakhono (kokubili aewzinto zobuchwephesheshe kanye namakhono ahlukahlukena, kuflanganise namakhono okusebenzelana nabantu), isimo sazo esingokomzwelo kanye nobuhlobo bazo nomndeni. Kuyasiza nasekwakhekeni kobuciko bazo zonke izinhlobo.

Ubufakazi obusha obunamandla, obuqoqwe e-UK naseNingizimu Afrika, bubonisa ukuthi izinzuzu zokudlala ngezinto zobuchwephesheshe zincike endaweni ingane ekuyo ekhuthaza ukufunda, kokubili ekhaya nangaphandle kwekhaya.

Ukufinyelela kwezingane izinto zobuchwephesheshe kuyahlukahluka, futhi kukhona amadivayisi, ama-app kanye nemidlalo engcono kuneminye ekukhuleni kwengane.

Ngaphezu kwakho konke, ukuhileleka kwabantu abadala kusemqoka: abantu abadala banendima ebalulekile ekusekeleni ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwephesheshe nasekuzibandakanyeni kulokho.

Nokho, abazali abathile balokhu benombono ongemuhle ngokudlala kwezingane zisebenzisa izinto zobuchwephesheshe: bakhathazeka ngokuthi izingane zichitha isikhathi esiningi kuzo, baphinde bakhathazeke ngobumfihlo nangokufaneleka kwalokho okuqukethwe yizinto izingane ezidlala ngazo.

Ucwaningo lunemithelela ebalulekile kubazali, othisha kanye nasembonini yamatoyizi neyokusakaza, kuflanganise abenzi bemithetho kanye nabacwaningi. **Bonke bangenza okwengeziwe ukusekela ukufunda nokukhula kwezingane ngokudlala ngezinto zobuchwephesheshe:**



Ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwephesheshe kudingka usizo ukuze kuhilele abantu abaningi (kuflanganise ukubambisana) ezimweni ezithile, futhi kudingka kwenze okwengeziwe uku kuvumele izingane zivivinye imibono, zizame nezinto ezintsha futhi zikhqize okuqukethwe.



Izingane kudingeka zikwazi ukuthatha izinyathelo ngokwazo lapho zidlala ngezinto zobuchwephesheshe: zingalandeli nje indlela esimisiwe kakade yomdlalo noma ye-app kodwa zikwazi ukuhileleka kakhudlwana ekuzakheleni eyazo imigomo nasekuhleleni izinto ngendlela yazo.



Izingane kudingeka zinkwe imidlalo ehlukahlukena ezingayidlala ngezinto zobuchwephesheshe: Izingane ezidlala imidlalo eminingi nehlukahlukena cishe ziyokujabulela ukuzama izinto ezintsha nokuzihlanganisa nabanye.



Izingane zifunda kangcono lapho zisekelwa ngokuqondile umuntu omdala, ngakho abazali bangazibandakanya kakhudlwana ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwephesheshe.



Imidlalo nama-app kudingeka kubonise ukuhluhluwa kwabantu ngokuvumelana namasiko, uhlanga, ubuzwe ulimi kanye nobulili.

# 01.

## Ucwaningo olusha sha - izinhloso nezindlela zokwenza



### Ucwaningo beluhlose ukufezani?

Ucwaningo oluthi Izingane, Ezobuchwepheshe Nokudlala luveza isithombe esiphelele sendlela izingane ezidlala ngayo manje, lapho zikwazi ukuthola izinto ezhilukahlukene zobuchwepheshe emakhaya azo nasesikoleni.

Kunobufakazi obuningi obubonisa ukuthi ukudlala kuyasiza ekukhuleni nasekufundeni, lapho lokho kwenziwa njalo ngendlela enenjongo futhi kujabulisa, nalapho kuflanganisa ukuzama izinto ezintsha nokuhlangana nabanye abantu.

Injongo yalolu cwaningo ukubonisa indlela ukusebenzisa kwezingane ezobuchwepheshe okuthinta ngayo ukudlala, ukufunda nokukhula kwazo.

Ngokubheka izindawo izingane ezidlala kuzo:

### Lolu ucwaningo olusha ngezindlela eziningi

- **Ucwaningo olukhulu, oluflanganisa izinkulungwane zezingane, abazali othisha nabanye.**
- **Luhlola ukudlala kwezingane ngaphansi kwezimo ezhiluke kakhulu, eNingizimu Afrika nase-UK, lubonise ukufana, ukungafani, kanye nezimbangela.**
- **Okubaluleke nakakhulu, ngokuhlanganisa imininingwane yezibalo nezincazelo, lusiniweza ukuqonda okujulile ngokudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe nokufunda kwazo, lusibonise indlela izingane ezifunda ngayo ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe**

→ **Iuthola indlela ukudlala okuthonywa ngayo ezobuchwepheshe**

→ **Iuhlolo ubuhlobo obukhona phakathi kokudlala ngezinto zobuchwepheshe, ukufunda nobuciko**

→ **Iubuke nendima yabantu abadala ekusekeleni ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe.**

Ucwaningo lusekelwe ebufakazini obusha, obubonisa ukufana nokungafani ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwepheshe ezindaweni ezhilukahlukene eNingizimu Afrika nase-UK.

## Izinjongo zocwaningo nazi:

- Ukuhlola indlela izingane ezisebenzisa ngayo ezobuchwepheshe ezimweni ezihlukahlukene ekuphileni kwazo kwansuku zonke
- Ukuqonda izizinda ezihlukahlukene ezithonya indlela izingane ezidlala ngayo ngezinto zobuchwepheshe - emakhaya azo, ezikoleni nasemiphakathini.
- Ukubonisa indlela ukusebenzisa kwezingane izinto zobuchwepheshe okuthonya ngayo amakhono azo, ulwazi, ubuciko, ukuxhumana kwazo neminden i kanye nesimo sazo esingokomzwelo
- Ukuhlola indima esemqoka yabazali ekusekeleni nasekuzibandakanyeni ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwepheshe: okuwuhlobo lokuxhumana olubaruleke njengakho nje ukufinyelela izinto zobuchwepheshe
- Ukucabanga ngezinga ukudlala ngezinto zobuchwepheshe okuveza ngalo izici ezinhlanu zokufunda ngokudlala i-LEGO Foundation ethole ubufakazi bako
- Ukuthola indlela konke lokhu okunomthelela ngayo kubazali, othisha, imboni yamathoyizi neyabezindaba, abenzi bemithetho kanye nabacwaningi.



# Yimiphi imibuzo yocwaningo lolu cwaningo obeluhlose ukuyiphendula?

- Ezobuchwepheshe zihlobana kanjani nokudlala kwezingane?
- Yimaphi amakhono nolwazi izingane ezikuthola ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe?
- Yibuphi ubuhlobo obukhona phakathi kokudlala, ezobuchwepheshe nobuciko?
- Abazali nabanye abantu abadala bakubheka kanjani ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe; bakusekela futhi bazibandakanye kanjani kukho?
- Kungakanani izingane ezidlala ngakho ezintweni zobuchwepheshe okuthonywe umphakathi nezinto zobuciko?
- Ukusebenzisa kwezingane izinto zobuchwepheshe kuvumelana ngezinga elingakanani nezici ezinhlanu zokufunda ngokudlala, i-LEGO Foundation ethole ubufakazi bako.

## Ukufunda ngokudlala:

- **kuyinto emnandi**
- **esiza izingane ziqonde lokho ezikwenzayo nezikufundayo**
- **kuhilela ukucabanga, ukubandakanyeka nokwenza izinto ngokoqobo**
- **kuhilela ukuzama izinto ezintsha nokuvivinywa kwemibono emisha**
- **kuhilela ukuhlangana nabanye abantu**



→ Ekugcineni, yini eyengeziwe engenziwa yiqembu labantu ababalulekile - abazali, othisha, imboni yamathoyizi ezingane nabezindaba nabenzi bemithetho - ukuze kuqhakambiswe izici ezinhle zokudlala ngezinto zobuchwepheshe?

## Ababambisene ocwaningweni

*Izingane, Ezobuchwepheshe Nokudlala yenziwe ngokubambisana yizinhlango ezine zephrojekthi:*

**I-University of Sheffield, e-UK**

**I-University of Cape Town, eNingizimu Afrika**

**I-LEGO Foundation, eDenmark**

**I-Dubit, e-UK.**

I-Dubit iyinhlango esebezena emhlabeni wonke ecwaninga ngezingane, esebezelana ngokuseduze nentsha ukuze iqonde ukuziphatha kwayo kanye nendlela edlala ngayo.

Iphrojekthi yocwaningo eholele kulolu cwaningo yenziwe ngokubambisana yilabo ababambisene kwiphrokthi, abaye banquma ngokubambisana izinhloso nezinjongo, baxoxa nabantu futhi baqoqa imininingwane, bahlaziya base besabalalisa okutholakale ocwaningweni.

## Indlela esiqoqe ngayo ubufakazi

Indlela eyakhethwa yokwenza lolu cwaningo yayihloselwe ukunikeza isithombe esiphelele nencazelo ecacile yodaba oluyinkimbinkimbi.

Lolu cwaningo lwacabangela umehluko omkhulu osemasikweni nakwezomnotho phakathi kwezindawo eziseNingizimu Afrika nase-UK, ngesikhathi esifanayo lwabonisa ukufana okuhkona phakathi kwalezi zindawo.

Isici esibaluleke kakhulu salolu cwaningo kube ukuhlanganiswa kwemininingwane yezibalo (etholwe kumaphephambuzo) nobufakazi bokuhlola (obutholwe ezingxoxweni nasocwaningweni lwezigameko). Bekusemqoka ikakhulukazi ukuzwa izingane zizikhulumela ngokwazo ocwaningweni.

Enye yezinto ezitsa ngocwaningo kube yindlela okubukwe ngayo ngokuqondile izingane zidlala: izingane zanikwa ithuba lokudlala, kusetshenziswa amakhamera e-GoPro, imiyalezo ye-WhatsApp kanye nama-LEGO® bricks.

## Obani ababamba iqhaza?

Abazali bezingane ezineminyaka ephakathi kwemithathu nengu-11 bacelwa ukuba bagcwalise inhlolovo emayelana nokudlala kwezingane zabo ngezinto zobuchwepheshe: abangaphezu kuka-1 200 e-CapeTown eNingizimu Afrika babamba iqhaza, baba ngu-4 200 kulo lonke elase-UK.

Abazali abangu-30 ezweni ngalinye babe sebebamba iqhaza ezingoxweni zocingo zokulandeleta. Kwakhqizwa ucwaningo lwasigameko lomndeni ngamunye, kuxoxwa nabazali nezingane beqoshwa ngevidiyo. Abazali baqopha ngevidiyo izingane zabo zidlala. Izingane zanikwa amadayari ukuze zibhale ukusebenzisa kwazo izinkundla zokuxhumana kanye nethelevishini futhi zasebenzisa amakhamera e-GoPro ukuze zirophe ukudlala kwazo ngezinto zobuchwepheshe.

Ngaphezu kwalokho, izingane zacelwa ukuba zakhe amathoyizi ezingathanda ukuwabona ekhiqizwa.

Izingane zabhekwa nasezikoleni, emaklabhini angemva kwesikole nasezindaweni zomphakathi, kwaxoxwa nothisha wengane noma umholi weklabhu.

Ekugcineni, izingane ezikoleni zabamba iqhaza ezingoxweni zeqembu.

## Ukuqinisekisa ukuthi siziphathe ngendlela efanele

Lolu cwaningo beluqondiswa ukuvuma unolwazi, ngokuvumelana Nemihlahlandlela Yokuziphatha Ye-BERA Yocwaningo Lwezemfundo kanye nemithetho yokuziphatha yocwaningo yeMfundu Yesikole e-University of Cape Town.

Abazali bezingane ocwaningweni lwasigameko kanye nasezingoxweni zamaqembu basayina amafomu okuvuma unolwazi, futhi bonke abantu abadala ababamba iqhaza basayina amafomu okuvuma unolwazi.

Ezinganeni ezsencane, bekwenziwa ukuhlola okuqhubekayo kwalokho ingane ekushoyo ngesimo sayo somzimba phakathi nemisebenzi, ukuze kubonakale ukuthi azibukeki zikhathelle yini.

### eNingizimu Africa\*



**1,286**

Abaphendule inhlolovo



**9**

Imindeni eyenze ucwaningo lwasigameko



**10**

Izingane ezenze ucwaningo lwasigameko



**9**

Inani lezindawo zojahidada nezikole zamabanga aphansi ezihilelekile



**49**

Izingane ezsengoxweni yeqembu



**30**

Izingxoxo zocingo nabazali



**14**

Othisha namalungu omphakathi okuxoxwe nawo

### I-UK



**2,429**

Abaphendule inhlolovo



**10**

Imindeni eyenze ucwaningo lwasigameko



**17**

Izingane ezenze ucwaningo lwasigameko



**5**

Inani lezindawo zojahidada nezikole zamabanga aphansi ezihilelekile



**71**

Izingane ezsengoxweni yeqembu



**30**

Izingxoxo zocingo nabazali



**24**

Othisha namalungu omphakathi okuxoxwe nawo

## Umehluko endleleni yokwenza phakathi kwase-Cape Town eNingizimu Afrika nase-UK

Kokubili e-UK nase-Cape Town eNingizimu Afrika, kwakubalulekile ukuqinisekisa ukuthi abantu abenza izinhlolovo nokwaxoxwa nabo baxubile ngeminyaka, ngobulili, ngobuzwe, ngobuhlanga, ngezimo zomnotho nangezindawo abahlala kuzo. Lokhu kusho ukuthi kwakunezinto ezithile okwakudingeka zicatshangelwe.

eNingizimu Afrika, kwenziwa imizamo ekhethekile yokuhlanganisa nemiphakathi ekhishwe inyumbazane. eNingizimu Afrika yangemuva kwsikhathi sobandlululo, kusekhona ukuhlukana okukhulu ngokwezigaba zobulili, ubuzwe nolimi.

Ezindaweni eziningi zasemadolobheni eNingizimu Afrika, izinkinga zezokuphepha, ukuntuleka kwengqalasizinda kanye nokungabi nemali kwabazali kuvimbela izingane ukuba zimbabe iqhaza ezintweni ezenziwa lapho isikole siphuma, futhi lokhu kubonakale ngesikhathi kuqoqwa imininingwane. Ukungabi nemali kuphinde kusho ukuthi ukuthola i-data kulinganiselwe ezinganeni zaseNingizimu Afrika.

IsiNgisi akulona ulimi lwebele kubantu abanigi baseNingizimu Afrika, ngakho kwasetshenziswa ezinye izilimi kwezinye izindawo ocwaningweni.

Imibuzo yezingxoxo neyezinhlolovo yahlelwa kabusha ukuze iveze lokho okwenzeka ngokoqobo emindenini yaseNingizimu Afrika. Ngokwesibonelo, izingane eziningi azinawo amagumbi azo okulala, ngakho imibuzo emayelana nokusebenzisa amadivayisi ezobuchwepheshe emagumbini azo okulala yasuswa.

Kwadingeka ukuba kucatshangelwe ezenhlalo, amasiko, ezombusazwe zasendaweni lapho kuxoxwa nezingane njengeqembu, lapho zivakashelwa emakhaya nalapho zibukwa ezikoleni eNingizimu Afrika. Ngakho, ngokwesibonelo, ukusetshenziswa kwamakhamera agqokwayo kwakuyinkinga kweminye imiphakathi lapho kwakwenziwa khona ucwaningo. Ukushiya i-GoPro ekhaya nezingane ezihlala endaweni empofu kubeka ukuphepha kwengane, komndeni wayo kanye nokwabacwaningi engcupheni. Ngakho kwathathwa isinqumo sokushintsha lesi sici socwaningo.



# 02.

## Okuboniswe ubufakazi

Izihloko ezithile ezibanzi zivela ebufakazini bamanani embikweni.

### **Ukndlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe kuthonywa kanjani yindawo ezihlala kuyo?**

#### **Ukufinyelela kwezingane ezobuchwepheshe**

Izingane eziye zahlolwa eNingizimu Afrika zifinyelela ngezinga elincane izinto zobuchwepheshe ezinjengama-tablet, amasmartphone kanye nezinto zobuchwepheshe ezigqokwayo uma ziqhathaniswa nezingane zase-UK.

Noma kunjalo, kuye kwatholakala ukuthi izingane zinobuciko obukhulu ekusebenziseni izinto zobuchwepheshe ezinazo.



#### **Ukndlala kwezingane ngezobuchwepheshe**

Lincane inani lezingane eNingizimu Afrika elidlala imidlalo edumile (ngokwesibonelo i-Minecraft) ethandwa kakhulu e-UK. Kuwo womabili la mazwe, abafana cishe yibona kakhulu abadlala imidlalo yezimoto, kodwa igebe phakathi kwamantombazane nabafana kweminye imidlalo lincane.

#### **Ukukwazi kwezingane ukukhiqiza okuqukethwe ezinkundleni zokuxhumana**

Zingaphezu kwengxene ye izingane zaseNingizimu Afrika ezikwazi ukukhiqiza okuqukethwe ezinkundleni zokuxhumana, bese kuthi e-UK zicishe zibe yingxene ezikwazi ukwenza lokho.

#### **Ubumfiho bemininingwane**

Yikota kuphela yezingane eNingizimu Afrika nengxene yeithathu yezingane e-UK eqonda izinto eziphathelene nobumfiho bemininingwane.



#### **I-TV Evamile**



u-65% wezingane zaseNingizimu Afrika kanye no-82% wezingane zase-UK ziyakwazi ukubukela i-TV evamile.

#### **I-Laptop**



u-23% wezingane zaseNingizimu Afrika kanye no-72% wezingane zase-UK ziyakwazi ukufinyelela i-laptop.

#### **I-Tablet**



u-21% wezingane zaseNingizimu Afrika kanye no-94% wezingane zase-UK ziyakwazi ukufinyelela i-tablet.

#### **I-Smartphone**



u-28% wezingane zaseNingizimu Afrika kanye no-84% wezingane zase-UK ziyakwazi ukufinyelela i-smartphone.

## **Umehluko endleleni abazali ababheka ngayo ukudlala ngezinto zobuchwepheshe**

Abazali kuwo womabili la mazwe baveze imibono emihle nemibi mayelana nendima yezobuchwepheshe ekuphileni kwezingane zabo. Abazali abanangi e-UK bathe abanayo inkinga ngokusebenzisa kwezingane zabo amadivayisi, ngaphandle kwethelevishini.

Abazali kuwo womabili la mazwe banikeze izizathu ezifanayo zokuzibandakanya ekudlaleni kwezingane zabo (ngokuyinhloko ukuze basekele ukukhula kwazo futhi bakhe ubuhlobo nazo) Bambalwa kakhulu abazali base-UK ababe nomuzwa wokuthi izingane zabo zichitha isikhathi esincane zisebenzisa ezobuchwepheshe, kuyilapho abazali abanangi baseNingizimu Afrika bezizwa ngaleylo ndlela.

Inani elikhulu labazali baseNingizimu Afrika lithe alinayo inkinga yokudlala ngezinto zobuchwepheshe nokusiza izingane zabo zidlale ngezinto zobuchwepheshe. Nokho, abazali base-UK yibo ngobuningi abathe bayazi ukuthi izingane zabo zidlala nobani ku-inthanethi ngokuvamile, nokuthi bayazi ukuthi bangaluthola kuphi usizo kanye neseluleko uma bekudinga.

### **Ukulawula kwabazali ezobuchwepheshe**

Amanani afanayo abazali kuwo womabili amazwe athe asebenzisa izilawuli zabazali kanye nezindlela zokuphepha kumadivayisi, kodwa inani elikhulu labazali baseNingizimu Afrika lithe belingakwazi lokhu.



## **Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kuba kanjani yingxenye yokuphila kwezingane?**

'Izinto zokudlala zezingane zigqamile futhi ziyingimbinkimbi kule nkathi yezobuchwepheshe.' [Konke ukucaphuna kuvela embikweni.]

Umbiko ubonisa ukuthi ezobuchwepheshe zijulile ekuphileni kwezingane eziningi, kodwa ngezindlela ezihlukahlukene kuye ngezingane. Ukudlala kwezingane ngezobuchwepheshe kubunjwa yizinto eziningi, njengesikhathi nendawo okumelwe zidlalele kuyo, ukwakheka kweminden izano, okwenzeka ekuphileni kwazo, izinkolelo nezinto ezibalulekile kubazali bazo, okuyizinto ezithinta indlela abazali abasekela ngayo noma banciphise ukudlala.


Bese kuba khona izici ezihlukahlukene ezithinta ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe - umlando, uhlobo, ulimi kanye nezomnotho okuthinta ukudlala. Ukudlala ngezinto zobuchwephe kuyingxenye yesiko, ubuhle, umzwelo kanye nezombusazwe ekuphileni kwengane.

### **Ukudlala emindenini**

Ukusebenzisa kwezingane izinsiza ezikwazi ukuzifinyelela kuxhomeke ezintweni eziningi, kuhlanganise isimo somnotho somndeni wazo, indawo ezihlala kuyo, umlando wokudlala emndenini wazo (abazali abebedlala imidlalo cishe bayokhuthaza ukudlalwa kwemidlalo kunabanye abazali), kanye nolimi ezilukhuluma ekhaya.

Abazali babhekene nezinkinga ezivamile, njengokuthi ezobuchwepheshe ezingakanani okufanele bavumele izingane zizisebenzise, noma ukuthi yimaphi ama-app kanye nemidlalo okufanele ivunyelwe, kuhlanganise ugogo nomkhulu, omalume nomalumekazi.

#



#

## Ukuhlola indawo izingane ezidlalela kuyo, isikhathi ezsichitha zidlala, nabantu ezidlala nabo

- Ucwanningo lwethu lwezigameko lubonisa ukuthi ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe kwenzeka ezindaweni ezihlukahlukene nasezimweni ezihlukahlukene
- Kuningi ukudlala okwenzeka emidlalweni edlalwa kumadivayisi ezobuchwepheshe kanye naleyo engokoqobo.
- Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kwenzeka ekhaya, kodwa okuningi kwako kwenzeka ezindaweni lapho umndeni uhangana khona.
- Izingane zidlala kokubili zodwa kanye nabangane namalungu omndeni, ngokoqobo nangamadivayisi ezobuchwepheshe.
- Naphezu kokukhathazeka kwabazali, lolu cwaningo luqinisekisa ukuthi izingane eziningi zinokuphila kokudlala okuhlukahlukene, futhi ezobuchwepheshe zidlala indima ebalulekile kulokho.

## **Indawo okudlalelwu kuyo**

Enye yezinto eziye zahlolwa yilolu cwaningo yindlela ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe okweqa ngayo imingcele yekhaya nesikole. Sabona izingane zisebenzisa emakhaya imidlalo nama-app afanayo eziwaboniswe esikoleni. E-UK naseNingizimu Afrika zibe mbalwa izibonelo zemidlalo yezobuchwepheshe edlalwa ekhaya elethwa esikoleni.

# **Lokhu kuthelelana phakathi kwesikole nekhaya, ukufunda okuhlelekile nokudlala, kuyingxene yokuphila kwansuku zonke kwezingane.**

Ukudlala njengoba uhamba nakho kuvame ukuba ngezinto zobuchwepheshe e-UK, imindeniyakubika lokhu kudlala ezimotweni, ezitimeleni nakwenzinye izinto zokuhamba kusetshenziswa ama-tablet nama-smartphone, ngokwesibonelo.

## **Ukuxhumana phakathi kwezinto zobuchwepheshe nezingezona ezobuchwepheshe**

Eminye imidlalo yezobuchwepheshe namathoyizi kwenza izingane zisabele ngendlela ephawulekayo, ngokwesibonelo kuzenza zidanse. Amanyamadivayisi ezobuchwepheshe (Injenge-Pokemon Go), asebenzisa ubuchwepheshe obunjenge-GPR noma obenza kubukeke kungokoqobo, angathatha umdlalo wobuchwepheshe awulethe umhlabeni ongokoqobo.

Izingane ziphinde zibhekisele emhlabeni wezobuchwepheshe ezidlala kuwo, ngaphandle kokusebenzisa ezobuchwepheshe: ngokwesibonelo, ngokuzenza abalingiswa abasemidlalweni yezobuchwepheshe.

I-YouTube nayo yeqela ngale ekuphileni kwezingane okungekho ku-inthanethi ngezindlela ezihlukahlukene. Izingane zisebenzisa izinto ezizibonayo lapho zidlala zingekho ku-inthanethi, futhi izingane eziningi ziophpha ukudlala kwazo bese zikufaka ku-YouTube ukuze zabelane ngakho nabanye.

## **Izingane zidlala nobani - zizodwa, noma nabangane kanye namalungu omndeni?**

Izingane ezisencane ziyadlala nabanye ku-inthanethi, kodwa kuvame ukuba amalungu omndeni nabangane ezidlala nabo ku-Facetime, Skype, SnapChat naku-Instagram, ngokwesibonelo. Izingane eseindala zivame ukudlala nabantu ezingabazi ngemidlalo yevidiyo enjenge-Fortnite, Minecraft noma i-TikTok.

## **Ukudlala kuxhumene**



## **Izingane zibambisana kangakanani lapho zidlala ngezinto zobuchwepheshe?**

Ucwanningo luthole ukuthi ngokuvamile izingane ziyabambisana lapho zidlala ngezinto zobuchwepheshe. Emakilasini eNingizimu Afrika, ngokwesibonelo, ngezinye izikhathi izingane bezibonwa zisebenza ngamaqembu amancane, noma ngazimbili. Zikhiqiza ngokubambisana okuqukethwe nge-tablet yazo, zihlola amathuba amasha ngokuxoxa nontanga yazo kanye nabantu abadala abahlukahlukene.

### **Ukuphawula kwezingane ngokudlala kwazo**

Kwo womibili amazwe, izingane zikhulume izinto eziningi ezinhle ngezobuchwepheshe, ezingagcini nje kwezemfundo nezokuzijabulisa.

Ngokwesibonelo, zioxo ngomphumela omuhle wezobuchwepheshe ebunganini bazo, ubuhlobo berminden i yazo kanye nokuwazi ukuzihambela, phakathi kwezinye izinto.

Bekucacile ukuthi izingane bezazi ukuthi amadivayisi ezobuchwepheshe akuyo yonke indawo ekuphileni kwazo, futhi bezazi ukuthi yimaphi amadivayisi ezingadlala ngawo nokuthi yimaphi okungamelwe zidlale ngawo.

Izingane zaziqonda ezinye zezici zokusebenzisa ezobuchwepheshe, nokuthi amadivayisi angasetshenziswa kokubili ngezindlela ezipuzisayo nangezindlela ezingazuzisi. Ezinye zezinto ezikhathaza izingane ziye fana nezinto ezikhathaza abantu abadala mayelana nokusebenzisa ezobuchwepheshe: ezinye izingane zaphawula ngokuba yingxemu ngenxa yokubuka kakhulu isikrini.

### **Amathoyizi izingane ezingathanda ukuwabona**

Ingxeny ebalulekile yalolu cwaningo ibihilela ukucela izingane ukuba ziklame ithoyizi ezingathanda ukulibona. Okuvele lapho, ukuthi izingane zingathanda ukubona amathoyizi:

- **asebenza nge-inthanethi nangaphandle kwayo**
- **anikeza izingane umuzwa wokuzimela nowokuphuthuma**
- **azivumela ukuba zixhumane nabangane**

Lezi zinto sezikhona kakade emathoyizini amaningi, kodwa abakhiqizi bezokuzijabulisa kwezingane kufanele baqhube ka benza lolu hlobo lwemikhiqizo esikhathini esizayo.

**Kwo womibili  
amazwe, izingane  
zikhulume izinto  
eziningi ezinhle  
ngezobuchwepheshe  
ezingagcini nje  
kwezemfundo  
nezokuzijabulisa.**

# Okufundwa yizingane ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe

## - ulwazi

Ucwaningo lwembule ukuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kusiza ekuzuzeni ulwazi namakhono ngezindlela eziningi kusalokho abazali abebekwazi.

Ukufunda ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe kungaba kokubili okuhlosiwe nokuzenzakalelayo. Izingane zifunda luhulu ezinhelweni zethelevishini, kuma-app nemidlalo eklanyelwe ngokukhethekile leyo njongo, kodwa zifunda luhulu nalapho zidlala ngemidlalo namadivayisi angakhelwanga ngokuqondile ezemfundo.

Izingane zifunda luhulu ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe lapho i-app, umdlalo, iprogrammu kanye/noma idivayisi ezidlala ngayo ifanelana nezidingo zazo, nalapho zisebenzisa idivayisi ngendlela efanele.

Lokhu akusho, ngokwesibonelo, ukuthi abantu abadala kumelwe bahlale behona lapho izingane zifunda ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe. Ngempela, kunobufakazi obuhle bokufunda kwezingane lapho zizidlalela zodwa ngamadivayisi ahlukahlukene.

Ukufunda kungabonwa ekubeni nolwazi lwesihloko esithile, amakhono kwezobuchwepheshe, kanye namakhono abanzi kwezenhlalo, umzwelo, ukuqonda, ngokomzimba nangobuciko.

### **Ulwazi lwesihloko esithile nokuqonda**

Ngezinye izikhathi, ulwazi izingane eziluthola ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe luhlobana eduze nalokho okufundwa esikoleni.

Ikakhulukazi e-UK, ukwakhiwa kolwazi lwesihloko ngezinye izikhathi kwensiwa kusetshenziswa ama-app nemidlalo eklanyelwe ngokukhethekile le njongo: ukwandiswa kokufunda ngemidlalo ezikoleni kuya kuphawuleka.

Ngezinye izikhathi, iminden iye ifune ama-app asiza ngokuqondile izingane ukuba zifunde.

### **Umbono wabazali ngokudlala nokusebenza**

Nokho, kuwo womabili amazwe abazali bachaze umehluko ocacile phakathi kokudlala nokusebenza. Abazali baveze ukuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kungasiza izingane zibe nolwazi nokuqonda kwezihloko ezihlukahlukene. Nokho, abanye abazali bathi bavumela izingane ukuba zidlale ngezinto zobuchwepheshe kuphela ngemva kokuba seziwuqedile umsebenzi wesikole.

## Amakhono ezobuchwepheshe



## Okufundwa yizingane ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe - amakhono

Okuhambisana nokusiza izingane zithole ulwazi, isici esibalulekile sokudlala ngezinto zobuchwepheshe ukuthi kusiza izingane zibe namakhono amanangi ahlukahlukene.

### **Amakhono ezobuchwepheshe**

Amakhono ezobuchwepheshe ngamakhono abantu abawadingayo ukuthi bakwazi ukusebenzisa ezobuchwepheshe kule khulu leminyaka lama-21. Izingane kudingeka zikwazi ukusebenzisa amadivayisi, kodwa ngaphezu kwalokho kudingeka zibe namanye amakhono amanangi azisiza zibe nobuciko, zihlale ziphephile ku-inthanethi futhi zisebenzise ezobuchwepheshe ukuze zixazulule izinkinga.

### **Izici ezinhlanu 'zolwazi lwezobuchwepheshe'**

Uhlaka Lwamakhono Ezobuchwepheshe lwe-EU luchaza izici ezinhlanu ezibalulekile ukuze ube yisakhamuzi esinolwazi lwezobuchwepheshe:

- **ulwazi lwemininingane ne-data**
- **ukukhulumisana nokubambisana**

- **ukukhiqizwa kokuqukethwe kwezobuchwepheshe**
- **ezokuphepha**
- **ukuxazulula izinkinga.**

Ucwaningo lwabonisa ukuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kungakha amakhono kuzo zonhlanu izici.

### ***Ingabe abazali bayawaqonda amakhono ezobuchwepheshe afundwa yizingane zabo?***

Ulwazi oluphakeme kanye nekhono lezingane kulesi sici bekuyisihloko ebesilokhu sivela ezingxoxweni zocingo nabazali. Lokhu bekwenzenka ngisho noma abanye abazali benamakhono kwabona, ngenxa yokwenza imisebenzi edinga amakhono e-IT noma ngenxa yokuba abidlali bemidlalo yezobuchwepheshe.

Ukwenezelu kulokho, abantu abadala abathile bangase bacabange ngokuyiphutha ukuthi zonke izingane zifunda amakhono ezobuchwepheshe kusukela zisezincane, lapho izingane eziningana zikwazi ukufinyelela kuphela inani elilinganiselwe lamadivayisi, ama-app noma imidlalo. Ngamanye amazwi, ukwakheka kwamakhono ezobuchwepheshe kuhlale kuncike kulokho okuqukethwe.

## Izingane zithola amakhono abanzi ezobuchwepheshe ngokudlala ngezinto





## Amakhono aphelele afundwa yizingane ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe

Ucwaningo lubonisa ukuthi izingane zifunda amakhono abanzi ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe: ngezinye izikhathi awabi sobala kunamakhono ezobuchwepheshe okungenzeka izingane ziayafunda, futhi abazali bangase bangawanaki kakhulu.

### Amakhono ezenhlalo

**'Ukulalala ngezinto zobuchwepheshe kungakuhlanganisa nabantu abaningu.'**

Izingane zidlala ngezobuchwepheshe ndawonye, kokubili egumbini elilodwa nalapho ziqhelelene. Zifunda ukukhulumisana nokubambisana nabanye, ukuqonda umbono wabo nokufunda ukuba nozwela. Ukulalala ngezinto zobuchwepheshe kungafundisa izingane ukunikana amathuba, nokuxoxisana lapho zinikana amathuba.

Ezinye izingane ocwaningweni zazidlala imidlalo eku-inthanethi nabazali ezingahlali nabo, okubangela ubuhlobo obuqinile. Ukulalala ngokuqhelelana ngezinto zobuchwepheshe kungaba usizo ezinganeni ezihlala endaweni ecezile noma ezingenabo abangane: e-UK, ngokwesibonelo, bekunezibonelo eziningi zezingane ezisebenzisa isofthiwe yokuxoxa ngevidiyo ukuze zidlale nabanye.

Ngokwezingane nabazali okuxoxwe nabo ocwaningweni, eminye imidlalo ingcono kuneminye ngezinjongo zokulalala nabanye abantu. Imidlalo yokulwa ngokuvamile ilinganiselwe kubadlali ababili noma oyedwa, kodwa imidlalo yokucabanga njenge-Minecraft ingakhuthaza izingane ukuba zidlale ndawonye.

#### ***Ukulalala okuhlanganisa nezibukeli***

Ukulalala okuhlanganisa abantu abaningu ngezinto zobuchwepheshe akugcini nje ezinganeni ezidلالا. Ukulalala ngezinto zobuchwepheshe kungahilela nezibukeli: nakuba zingeke zidlale ngokoqobo emdlalweni, izingane zingaphawula futhi zikhuthaze nakuba zingadlali.

## Amakhono omzimba

***"Ukulalala ngezinto zobuchwepheshe kungasiza ekwakhekeni kwakhono ahlukahlukena okunyakaza komzimba."***

Kuye kwabonakala ukuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kusiza izingane zithuthukise amakhono azo omzimba ngezindlela eziningi. Nokho, abacwanangi bethu babe nomuzwa wokuthi, ngemidlalo nama-app aklanywe kangcono izingane zingakhuthazwa ukuba zenze okwengeziwe ukuze zifunde ukwakha amakhono okusebenzia izitho zomzimba.

Ucwaningo lwethu lubonisa ukuthi izingane zifunda amakhono amahle okunyakazisa umzimba ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe, ngokwesibonelo ngokulawula ama-handset. Ukudlala umdlalo noma ukuchofozza isikrini kuhiela izenzo eziningi njengokusunduza, ukukhomba, ukuswayipa, ukuchofozza nokusikrola. La makhono amahle okunyakaza komzimba angadluliswa nasezintweni ezingezona ezobuchwepheshe.

Izingane ziphinde zakhe amakhono okunyakaza komzimba njengoba ezokuzijabulisa zezobuchwepheshe zikhuthaza

ukuba zizibandakanye ekudlaleni kokunyakaza komzimba, ngokwesibonelo ngokukopisha imidanso eboniswa esikrinini noma ngokuphrakthiza amakhono amasha ebola eziwabone ku-inthanethi.

Izingane zabonwa zijoyina amalungu omndeni ekulandeleni ukuzivocavoca okuboniswe ku-YouTube, kuyilapho ezinye zifunda amakhono okudlala i-tennis ngokusebenzia ama-Fitbits azo ngendlela yokuncintisana.

Ngisho noma bekunezibonelo eziningi ezinjengalezi, lesi yisici abacwanangi ababe nomuzwa wokuthi sisathuthukiswa, ezobuchwepheshe zisafufusa kulesi sici. Ngokukhiqizwa kwezinto zobuchwepheshe ezigqokwayo kanye nobuchwepheshe be-GPS, ngokukhethekile, singalindela ubufakazi obengeziwe bokuhlobana phakathi kokudlala ngezinto zobuchwepheshe nokudlala okungokoqobo kunalokho okutholwe yilolu cwaningo.

Kungase kube normthelela kwezokuzijabulisa kwezingane kanye nasemonini yemidlalo, engagxila kakhulu ekwakheni imidlalo nama-app ezingane akhuthaza kokubili amakhono okudlala ngezinto zobuchwepheshe kanye namakhono angokoqobo.



## Amakhono engqondo

*'Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kwakha amakhono engqondo ngezindlela ezihlukahlukene.'*

### ***Intuthuko ekugxiliseni ingqondo***

Isigaba esibalulekile ekukhuleni kwengqondo yengane ukufunda ukugxilisa ingqondo nokuhlala igxilile isikhathi eside. Kube nezibonelo eziningi ocwaningweni zalokhu, ikakhulukazi ngokuphathelene nokudlala imidlalo.

Bekujabulisa ukukubona lokho emidlalweni yokuncintisana okwenziwa ngemidlalo yevidiyo, izingane eziningi ocwaningweni ziye zahileka kuyo futhi zayijabulela. Lolu hlobo lokudlala ngendlela encintisanayo lubonakala lusisiza kakhulu izingane ukuba zakhe imikhuba yokuphikeleta nokugxilisa ingqondo.

### ***Intuthuko yenkumbulo yezingane, kanye nekhono lazo lokuqonda imininingwane***

Ukudlala ngezobuchwepheshe kubonakale kunika izingane ithuba lokuqinisa inkumbulo yazo - ikhono lazo lokugcina nokunakekela imininingwane edingekayo ukuze zenze imisebenzi ethile. Eminye imidlalo yezobuchwepheshe edlalwa yizingane, idinga ukuba zisebenzise imininingwane ehlukahlukene eyinkimbinkimbi, kokubili yalokho ezikubonayo nalokho ezikuzwayo.

E-UK naseNingizimu Afrika, izingane zabonisa ukuthi ziyakwazi ukusebenzisa izikrini eziminyene eziqukethe izithombe ezihlukahlukene, izimpawu, imibhalo kanye nezithombe ezimile nezinyakazayo. Izingane zaphinde zabonisa ukuthi zingasebenzisa imininingwane evela esikrinini nalokho esezikwazi kakade, ukuze zenze imisebenzi. Ngaphezu kwalokho, eminye imidlalo yezobuchwepheshe ihilela ukufeza komdlali izinyathelo ezimfushane ezilandelanayo, ngokuvamile izingane ezikwazi ukuzibamba ngekhanda ukuze zidlule ezigabenzi zokuqala zomdlalo eseziphothulile kakade.

**Isigaba esibalulekile  
ekukhuleni  
kwengqondo yengane  
ukufunda ukugxilisa  
ingqondo nokuhlala  
igxilile isikhathi eside.  
Kube nezibonelo  
eziningi ocwaningweni  
zalokhu, ikakhulukazi  
ngokuphathelene  
nokudlala imidlalo.**



**Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kusiza  
ekucabangeni ngendlela ejulile nokuxazulula izinkinga  
eziyinkimbinkimbi**

Lolu cwaningo lwathola nobufakazi bokwakheka kokucabanga ngendlela ejulile ezinganeni ngenxa yokudlala ngezinto zobuchwepheshe - ukwenza ukwahlulela mayelana nezinhlobo ezihlukahlukene zokuqukethwe kwezbuchwepheshe nokukusebenzia ekuphileni kwansuku zonke. Ukubukela amavidiyo nezinhlelo zethelevishini kanye namafilimu, ngokwesibonelo, ngezinye izikhathi bekubangela ukucabanga ngendlela ejulile nokubuza imibuzo.

Ama-app nemidlalo ethile ivumela izingane ukuba zakhe amakhono anjengokuxazulula izinkinga nokucabanga ngendlela evumelana nezimo. Lokhu cishe bekubonakala kakhlulu emidlalweni nakuma-app avulekile, njenge-Minecraft ne-Roblox. Ngaphezu kwalokho, ucwaningo lwenze kwacaca ukuthi imidlalo yezemfundo ehilela ukubamba ngekhanda ingabambezela ekwakheni ilukuluku lokwazi. Imidlalo ehilela ushintsho olwenziwa njalo kanye nezici ezintsha zomdlalo zingavula amathuba engeziwe okuba nelukuluku lokwazi.

Ezinye izinhlobo zemidlalo yevidiyo zingavumela izingane ukuba zakhe amakhono okucabanga okusezingeni eliphezulu Ezinye izingane zikhulume ngokuthi i-Fortnite isizisa zihlele izinto, futhi ziyazi ukuthi ukufunda ezikuthole zidlala lo mdlalo kuhlukile ekufundeni ukudlala ithuluzi lomculo, noma ukufunda ngokubukela amavidiyo.


**Amadivayisi asebenza ngezwi kanye nabasizi  
abakhuluma esipikheni**

Ucwaningo luthole ukuthi abasizi bezobuchwepheshe kanye namadivayisi asebenza ngezwi, njenge-Alexa, i-Google Home ne-Siri, ayizinto zokudlala ezithandwa kakhulu e-UK, futhi kunezibonelo zezingane zicela lezi zinto ukuba ziphendule imibuzo exakile noma ukuba zisho amahlaya.

Ngesikhathi esifanayo, amadivayisi asetshenziswe yizingane ocwaningweni njengethuluzi lokuphendula imibuzo noma ukufuna imininingwane ku-inthanethi, okusiza izingane ukuba ziphendule imibuzo ezizibuza yona. La madivayisi asiza ekwakheni ilukuluku lezingane, okuyingxenyenye ebalulekile yokufunda.

**Abaklami bemidlalo  
akufanele besabe  
ukuzama okusha lapho  
benza okuqukethwe  
kwezingane okuhlukile  
ezingxoxweni ezivamile  
zemidlalo ukuze  
bayenze ivuleke**





**Ukuzifaka emdlalweni  
okuvunyelwa yimidlalo  
yezobuchwepheshe  
kusiza izingane ezithile  
ukuba zivikele isimo  
sazo sengqondo,  
lapho zihlala endaweni  
engenalo uthando.**

## Amakhono angokomzwelo

Ucwaningo lubonise ukuthi ezokuzijabulisa zezobuchwepheshe zinendima ebalulekile ekusekeleni inhhlakahle engokomzwelo yezingane, zizisize ukuba zisabalale futhi ziveze indlela ezizizwa ngayo ngokudlala ngezinto zobuchwephe.

Abazali abaningi bathe ukndlala ngezinto zobuchwepheshe kuholele ekusabeleni okukhulu okungokomzwelo, kodwa ukusabela okunjalo bekungekubi ngaso sonke isikhathi.

Kube nobufakazi bokuthi ukndlala ngezinto zobuchwepheshe kungasiza ngempela ekwakheni ikhono lezingane lokuqonda nokulawula imizwa yazo. Lokhu kuhlanganisa ukufunda kwezingane indlela yokubhekana nokukhungatheka, nokuhlala zizimisele ngisho noma zidikibele noma zibhekene nezinselele.

Izici ezithile ze-app kubonakala sengathi ziayisiza izingane zilawule imizwa yazo, njengokukwazi ukuphindsela emuva osukwenzile noma ukubuyela esigaben esiphansi, ngaley odlala zinciphise izinga lokukhungatheka.

Ukwenezela kulokho, amanye ama-app nemidlalo kusekela nokuzihlola, okuyisici esibalulekile ekuzilaweni. Lokhu kusebenza ngokuyinhloko emidlalweni evumela izingane ukuba zihlole intuthuko yazo.


### ***Ukndlala ngezinto zobuchwepheshe kusiza izingane zisondelane namalungu omndeni***

Enye indlela ukndlala ngezinto zobuchwephe okndlala ngayo indima ebalulekile emizweleni yezingane yindlela ezivumela ngayo ukuba zisondelane futhi zichithe isikhathi nabanye, okuqinisa izibopho zomndeni futhi kwakheke ubungane nezingane ezingewona amalungu omndeni.

### ***Indlela ukndlala ngezinto zobuchwepheshe okungasiza ngayo ekuvikeleni izingane ezindaweni eziyingozi***

Ekugcineni, ucwaningo lubonisa ukuthi ukuzifaka emdlalweni okuvunyelwa yimidlalo yezobuchwepheshe kusiza izingane ezithile ukuba zivikele isimo sazo sengqondo, lapho zihlala endaweni engenalo uthando. Ezinye ezingane eNingizimu Afrika bezihlala ezindaweni ezigcwle amaqembu emigulukudu, izidakamizwa kanye namazinga aphakeme obugebengu obunodlame.

**Imidwebo eyenziwa  
yizingane ngokuvamile  
igcina isiku-inthanethi,  
kuyilapho izingane nazo  
ziye zilingise noma zizame  
ukuqonda okuqukethwe  
ngokukusebenzisa  
ekuphileni kwazo  
kwansuku zonke.**



## Amakhono obuciko

**'Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kuvula amathuba  
amaningi okwakha amakhono obuciko.'**

Amakhono obuciko asemqoka kuleli khulu leminyaka lama-21. Akungatshazwa ukuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kusekela ubuciko ngazo zonke izinhlobo zako.

### Sisho ukuthini uma sithi ubuciko

Nakuba igama elithi 'ubuciko' lichaza izinto eziningi futhi kunzima ukuliqonda kahle, liqondwa ngokuthi lichaza abantu abenza izinto ezintsha abazicabangayo futhi bahlanganise ulwazi oludala nolusha, ukuze benze into ebingekho ngaphambilini.

### **Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe nezingeza ezobuchwepheshe kokubili kusekela ubuciko**

Okutholwe yilolu cwaningo kubonisa ukuthi ukwakheka kwamakhono obuciko kubonwa kokubili kwezobuchwepheshe nasezindaweni ezingezona ezobuchwepheshe, nasezinganeni ezikusebenzisa kokubili lokhu ngendlela efanayo. Imidwebo eyenziwa yizingane ngokuvamile igcina isiku-inthanethi, kuyilapho izingane nazo ziye zilingise noma zizame ukuqonda okuqukethwe ngokukusebenzisa ekuphileni kwazo kwansuku zonke.

### **Ukuklama (coding) imidlalo yezingane**

Ukuklama imidlalo nama-app ngokukhethekile kuvumela izingane zeze imidlalo emisha engadlalwa abanye abantu Ngokwesibonelo, ucwaningo luthole izibonelo zezingane ezikwazi ukuklama nokwakha imidlalo ngokushesha zisebenzisa amadivayisi azo kanye nama-app ngokuvamile atholakala mahhala. Izingane zabonwa zakha eyazo ezazo izindawo zokudlala imidlalo ku-Roblox nasemshinini wemidlalo i-Xbox, futhi zakwazi ukudlala le midlalo namalungu eminden. Ezinye zalezo zingane ziye zahileleka ekwenzeni opopayi nokuklama zisebenzisa ikhompyutha yasekhaya, ngemva kokunikwa ithuba lokufunda indlela yokusebenzisa izici ezibalulekile zesofthiwe esikoleni.

# Izinga lokuphuthuma ekudlaleni ngezobuchwephesheshe

## ENingizimu

### Afrika

Ingane yami inomuzwa wokuthi ingenza izinto ebingakwazi ukuzenza ngaphambili



Ingane yami ikuqonda kahle ekufundayo

Ingane yami izibekela eyayo imigomo

Ingane yami izithathela yona isinyathelo

Ingane yami ilandela okwenzakayo

Ingane yami ayizijabuleli izinto zobuchwephesheshe futhi ifuna ukwenza okunye

## E-UK

Ingane yami inomuzwa wokuthi ingenza izinto ebingakwazi ukuzenza ngaphambili



## **Ukubaluleka kwemidlalo yezobuchwephesheshe evulekile nokwazi ukuziqondisela izinto kuyo**

Okutholakele okuyinhloko kulolu cwaningo ukuthi uma ukudlala ngemidlalo yezobuchwephesheshe kuvulekile futhi ukwazi ukuziqondisela izinto kuyo, izingane zizokwazi ukwakha imikhuba yobuciko ezingqondweni.

Umcabango uyisici esibalulekile sobuciko, futhi abacwaningi bathole ubufakazi obuningi obubonisa ukuthi ezokuzijabulisa zobuciko zikhuthaza ukudlala okuhilela imicabango.

Izingane zidlala ngokuba umlingiswa wezobuchwephesheshe ezimthandayo, zilingise izigameko ezhlobene nezinhlelo nemidlalo, futhi zanika onodoli namathoyizi namathoyizi athambile ubuntu bamaqhzawwe nezinkosazana abazibone ku-inthanethi.

Amadivayisi ezobuchwephesheshe aphinde anikeze izingane indlela yokuhlolola nokuchaza imicabango yazo, futhi lolo hlobo lokudlala ngokuvamile linobuciko obukhulu. I-YouTube iwormthombo ophawulekayo wokudlala kwezingane ngendlela yomcabango, iyakhuthaza futhi ishukumisse, futhi iyindawo lapho izingane zingafaka khona okuqoshiwe kwemiklamo yazo.

## **Ubuciko kumadivayisi athile**

Kunobuhlobo obukhangayo phakathi kwezinhlobo ezithile zamadivayisi nezinhlobo ezithile zobuciko. Ngokwesibonelo, ukudlala ngama-app nemidlalo yevidiyo kubonakala kusekela ubuciko bengqondo, kuyilapho ithelevishini iholela ekudlaleni okungokoqobo komcabango. Abasizi bezobuchwephesheshe bayaphawuleka ngendlela abalonakala besiza ngayo ngokudlala okusekelwe olimini, umculo, umzimba kanye nomcabango. Ama-tablets nama-smartphones ayasiza ngomklamo wezobuciko njengokudweba nokwenza amafilimu.

## **Ubuciko novo lwabantu abadala**

Ekugcineni, ucwaningo luthole ukuhlobana okukhona phakathi kobuciko nokuhileleka kwabantu abadala ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwephesheshe. Kuhlanganise nohlobo lwamadivayisi izingane ezikwazi ukuwafinyelela nezinto ezinhle ngawo, kubalulekile ukucabangela imibono novo lwabazali, imibuzo ebuzwe abantu abadala njalo njalo. Lapho uhlobo olufanele lwedivayisi luuhlangana nokuzibandakanya okufanele komuntu omdala, ukunikeza ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwephesheshe ukuphuthuma, kuleso simo ubuciko kutholakala ngobuningi.

## **Amathuluzi ezobuchwephesheshe avuliwe, kuhlanganise ukuqequeshwakwezithombe nokwe-YouTube**

Lapho emaningi amathuluzi ezobuchwephesheshe avuliwe, ngokuvamile ahlotsaniswa nenqubo yobuciko enjengokuthatha izithombe, kubonakala sengathi kunika izingane ithuba lokuhileleka ngokujulile ekhwakhekeni kwamakhono obuciko. Ngokwesibonelo, uma ingane ibisebenzisa ukuqequeshwakwe-YouTube noma ama-app avulekile aklanyelwe ukusekela ukudweba, aba namathuba amaningi okudlala ngendlela yobuciko.

Amakhamera abengolunye uhlobo lwethuluzi lobuciko ebelisetshenziswa kakhulu ocwaningweni, ngokuyingxenye ngenxa yokuthi izingane zacelwa ukuba zithathe izithombe namafilimi zisebenzisa amakhamera e-GoPro, kodwa futhi nangenxa yokuthi izingane eziningi zikujabulele ukusebenzisa ikhamera kuma-smartphone kanye/noma kuma-tablets.

Lolu hlobo lwedivayisi eyenza izinto eziningi luye lwabonakala lusiza ekudlaleni kwezingane, kokubili lapho zizodwa, nalapho zidlala nabangane ezibacabanga engqondweni noma lapho zidlala nabantu abaseduze nazo, kungaba ontanga yazo, abazali noma abazali.

**'Idivayisi eyenza izinto eziningi' iye yabonakala isiza ekudlaleni kwezingane.**



## ***Ubuciko abuncikile kwidivayisi izingane ezikwazi ukuyifinyelela***

Kuyiqiniso ukuthi ubuciko bezingane bebungancikile emathuluzini ezobuchwepheshe ezikwazi ukuwafinyelela manje.

Ikhono lokuhlolola nokuveza ukucabanga ngokudlala kuyisici esibalulekile sobuciko, futhi izinga eliphawulekayo lokudlala kokucabanga okwabonwa kule phrojekthi kwakwenzeka ngaphandle kwamadivayisi ezobuchwepheshe nokuqukethwe ezobuchwepheshe. Noma kunjalo, izingane bezisebenzisa lokho ezikubone kwezbuchwepheshe lapho zidlala, njengengxenye yokuphila kwansuku zonke. Izingane zachaza ukulingisa izigameko ezivela emidlalweni yevidiyo eziyithandayo njenge-Minecraft lapho zidlala ngaphandle kwezinto zobuchwepheshe.

### ***Imidlalo yevidiyo, ukuzibona usemdlalweni kanye nemicabango yezingane***

Ucwaningo luhlole ukuhlobana okukhona phakathi kokudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe kanye nokwakheka kwemicabango yazo.

Uma ukubukela kude, ukudlala imidlalo yevidiyo enjenge-MarioKart noma i-FIFA akubonakali kuhilela ukucabanga, kodwa lapho ubukisia ngokuvamile kuhilela izingane ngothro lokuzifaka emdlalweni, izingane zizifaka esimweni somlingiswa othile futhi zizame ukuthola ukuthi lokho kungasho ukuthini kuzo.

Ukungena ujule emdlalweni onjengalona, kunika izingane ithuba elihle lokusebenzisa umcabango, zidlale ngokungase kwenzeke futhi zenze ukuhlobana ekuphileni okungokoqobo.


Amadivayisi asebenza ngezwi nawo aye aba yithuluzi elihle ngokuphatelene nokwakha umcabango wezingane. Ngokuvamile la madivayisi abesetshenziselwa ukudlala umculo, futhi lokhu kuye kwasekela ukudlala okuhilela umcabango nobuciko, ikakhulukazi ukucula nokudansa. Kubonakala sengathi la madivayisi anikeza izingane amathuba amahle okusebenzisa umcabango, okungenani ngokuphatelene nokudlala, ukuze izingane zisebenzise ukuqonda kwazo futhi zenze lokho ezikuchaza ngokuthi ukuhlobana 'okungahleliwe' njengendlela yokwenza ihlaya.

## ***Ubuciko budinga izindawo ezingenakho ukwesaba***

Izibonelo ezsocwaningweni zikwenza kucace ukuthi noma yikuphi ukuphenya okwensiwayo kwamakhono obuciko bezingane lapho zisebenzisa amathuluzi ezobuchwepheshe kudingeka kucabangele izindawo zomphakathi izingane ezizithola zikuzo. Lokhu kuhalanganisa ukucabanga ngokuthi izingane azinakho yini ukwesaba kanye/noma nokukhathazeka, kokubili ngaphakathi nangaphandle kwekilasi lokufundela.

### ***Indima yabantu abadala ekwakheni ubuciko***

Ezingeni lomuntu ngamunye, ubuciko bezingane buthonywa abantu abazungezile. Ukuba nomuntu omdala ozilalelayo futhi aziphendule ngenhlonipho kwenza ukuba izingane zioxo ngemibono futhi bakwazi ukuza nemibono emisha ndawonye. Kuphinde kukhuthaze ingane ukuba ithathe isinyathelo sokuthola ukuthi kwenzekani. Ngokuqopha ngokucophelela izingxoxo phakathi kwabantu abadala nezingane, ucwaningo lubonisa ngokucacile indlela isineke somuntu omdala kanye nothando oluqotho emibonweni yengane okwenza ubuciko benzeke.



## Amanye amakhono

Ziningi ezinye izindlela ukudlala ngezinto zobuchwepheshe okungasiza ngayo izingane zakhe amakhono abalulekile.

Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kungasiza izingane zikwazi ukusebenzisa ezokuzijabulisa, izindaba neminingwane, ngokwesibonelo, njengoba zifunda ukufuna izinto ku-inthanethi noma ukuhlela imininingwane eziyitholayo.

Amandla e-inthanethi nawo anika izingane ukuziqonda njengezakhamuzi zomhlaba onabantu abanasiko nezilimi ezingafani.


Ngokwesibonelo, izingane eziningi ocwaningweni zathi zidlate nezinye izingane ezikwamanye amazwe emishinini yemidlalo nasezinkundleni ezinjenje-Minecraft ne-Roblox. Kwezinye izimo lokhu kwaholela ekwakhekeni kobungane, okunikeza izingane ithuba lokufunda ngamanye amasiko.

*Indlela ukudlala ngezinto zobuchwepheshe okusiza ngayo izingane ezinezidingo ezengeziwe*

Ucwaningo luthole ubufakazi bokuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kusiza ukufunda kwezingane ezinezidingo ezengeziwe, ikakhulukazi. Ezinye izingane ezinezinkinga yezinzw, ngokwesibonelo, zibonakala zithola ukudlala imidlalo kuzenza zizole, futhi kungazisiza zakhe amakhono angokomzwelo kanye namanye amakhono.

Kube khona nobufakazi obuthile obubonise ukuthi ezobuchwepheshe zingaba wusizo enganeni enezidingo ezengeziwe ekulawuleni imizwelo yayo. Ngokwesibonelo, enye ingane yayisebenzisa i-iPad yayo njengedayari ukuze iyisize ikwazi ukulawula kangcono imizwa yayo.

Nokho, ngesikhathi esifanayo izingane ezinezidingo ezengeziwe zichayeka kalula ezicini ezilimazayo zokusebenzisa ezobuchwepheshe, futhi lokhu kwakha izinselele ezengeziwe kubazali nothisha mayelana nokukhetha amadivayisi nama-app, nokusekela izingane eziwasebenzisayo.



## **Ukudlala ngezobuchwepheshe ikilasini**

'Othisha basebenzisa ezobuchwepheshe ngezindlela zobuciko ukuthuthukisa ukufunda.'

Ucwaningo luthole ukuthi othisha basebenzisa izinto zobuchwepheshe ekilasini ngezindlela ezihlukahlukene, ukuqopha umsebenzi wabafundi, ukuhlela izifundo kanye nokwabelana ngendlela efanele yokwenza izinto.

Kwezinye izikole, izithombe namavidiyo assetshenziselwa ukwenza ukufunda kwezingane kubonakale, futhi kuvumele izingane ukuba zazi indlela ezifunda ngayo nalokho ezikufundile.

Othisha baphinde basebenzise ezobuchwepheshe ukuhlela izifundo, ukuthatha imibono kubafundi abazzwa behkhuthazekile nokusebenza ndawonye ukuze kuphuculwe ukufunda.

Nokho, nakuba ukusetshenziswa kwemidlalo ekufundeni kuyindlela yesikole yokusebenzisa ubuchwepheshe kwezemfundo, kubonakala sengathi kunokunamathela okukhulu kwezinye izikole ezinhlelweni ezinenjongo engaguquki yokufunda. Ezinye izinhlobo ezivuleke kakhudlwana zokndlala ngezobuchwepheshe azibonakalanga kulezi zikole.

Kwezinye izikole, othisha bebenolwazi lwendlela izingane ebezisebenzisa ngayo ezobuchwepheshe ekhaya futhi bakhela kulokho ngezindlela eziphumelelayo. Uma kubhekwa umthelela izikole ezinawo ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwepheshe ekhaya, kunethuba lokuthi zonke izikole zandise ukuqonda kwazo indlela izingane ezifunda ngayo zisebenzisa ezobuchwepheshe.

## ***Indlela izingane ezithatha ngayo ulwazi lwezobuchwepheshe namakhono ekhaya zikuse esikoleni***

Abacwaningi bathole izibonelo eziningi ezinhle zothisha abakhela ngokuphumelelayo olwazini lwezobuchwepheshe kanye namakhono izingane eziwazuze ngaphandle kwesikole, nangokuvumela izingane zize nemikhiqizo yezobuchwepheshe eziyenzile esikoleni ukuze zibonise ikilasi.

Le ndlela yokwenza eqaphela izinga lamakhono kanye nolwazi izingane eziluletha esikoleni zisuka nalo emakhaya nasemiphakathini, luyilolo oludingeka kakhulu esikhathini lapho ukufunda kwezingane kushintshwa khona ngokndlala ngezinto zobuchwepheshe. Lapho izingane zikwazi ukuhlolola ubuqiniso bomsebenzi wazo wasekhaya kumadivayisi anjenje-Alexa, i-Google Home kanye ne-Siri, ngokwesibonelo, othisha kudingeke bakwazi lokho ohlotsheni lwemisebenzi abayinika izingane ukuze bandise ukufunda kwazo ngaphandle kwesikole.

**Abacwaningi bathole  
izibonelo ezinhle  
zothisha abakhela  
kahle olwazini  
lwezobuchwepheshe  
kanye namakhono  
izingane eziwathola  
ngaphandle kwesikole.**



## 'Ukungalingani kokuthola ezobuchwepheshe'- izingane ezithile zibandlululeka kanjani ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe?

Ezobuchwepheshe zigxilile ekudlaleni kwansuku zonke kwezingane kodwa kunobufakazi bokuthi 'kunokungalingani kokuthola ezobuchwepheshe', okusho ukuthi izingane

- **azikwazi ukufinyelela ngendlela elinganayo izinsiza**
- **azifundi amakhono afanayo ezobuchwepheshe kusukela zisezincane**
- **ziyathinteka ekudlaleni kwazo ngezinto zobuchwepheshe ngenxa yomehluko wengqalasizinda, isigaba kanye namasiko.**

Lo mehluko wezobuchwepheshe uvela kokubili emininingwaneni yenholovo kanye nasocwaningweni lwethu olunayo yonke imininingwane yemindeni ngayinye. Umehluko wezobuchwepheshe ungabonwa ngezindlela ezintathu.

### **Umehluko ekufinyeleleni**

Umehluko wokufinyelela ama-tablets, ama-smartphones noma okusiza ekhaya kobuchwepheshe njenge-Alexa ne-Siri, kunomthelela ophawulekayo ekukwazini kwengane ukndlala nokufunda ngalezi zinto zobuchwepheshe ezintsha nezithuthukayo.

Iholo lasekhaya liyisici esiyinhloko kulokhu eNingizimu Afrika, futhi (ngenxa yomphumela womthetho wobandlululo kuleli zwe) lo mehluko usahlotsaniswa eduze nobuhlanga. E-UK kukhona umehluko mayelana nezigaba zomphakathi kanye nobuzwe, kodwa awumkhulu kakhulu, futhi kuye kwenzeke okungalindelekile (ngokwesibonelo, izingane ezivela emaqenjini angacebile ngokuvamile yazona eziba nawazo amadivayisi, futhi umehluko uhlobana nohlobo lokusetshenziswa kwamadivayisi).


Ingqalasizinda nayo isiysisici esisemqoka. Nakuba iNingizimu Afrika ithuthuke kakhulu kunamanye amazwe e-Afrika, ungabi khona kwezidingo ngqangi (njengogesi) kanye nengqalasizinda ye-network kusaqhube ka kuyinkinga. Abahlinzeki bezinkozo zocingo bambalwa kunesilinganiso somhlaba, futhi i-data iyabiza.

### **Umehluko wekhono**

Ikhono lokusebenzisa ezobuchwepheshe liyahluka phakathi kwezingane ezinezizinda ezingafani. Amazinga emfundu eNingizimu Afrika athonywa ikakhulu uhlanga nesigaba sempilo.

### **Okunye ukungalingani**

Ngisho noma amaqembu abafundi ekwazi ukungena ku-inthanethi futhi enazo izingqalasizinda ezidingekayo, uhlobo lokungalingani lungasho ukuthi ukwahlukana kusekhona. Uhlanga, ubuzwe, iholo, iminyaka yobudala kanye nobulili kuthonya ukufinyelela nokusebenzisa ezobuchwepheshe. ENingizimu Afrika amakhulu eminyaka okubuswa elinye izwe, ukuphathwa njengophansi, ukungalingani okujulile, izindaba ezilawulwa uhulumeni kanye nohlelo lwemfundu oluhlukene kabilo kuthinta lokho abantu abayikho nalokho abakwaziyo.



## Izici ezinhlanu zokufunda ngokudlala

**Ingabe zisebenza ngokufanayo ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe?**

I-LEGO Foundation kanye nebambisene nabo ithole ubufakazi bokuthi kunezici ezinhlanu eziholela ekufundeni okujulile. Lolu hlobo lokudlala:

- **Iuyinto emnandi**
- **esiza izingane ziqonde lokho ezikwenzayo nezikufundayo**
- **Iuhilela ukucabanga, ukuhileleka nokusebenza ngokoqobo**
- **Luhilela ukugcizelela - ukuzanywa kwezinto ezintsha ngokuphindaphindiwe nokuvivinya imibono emisha, futhi**
- **Iuhilela ukusebenzisana nabantu.**

Uma sibheka ucwaningo, kucacile ukuthi zonhlanu izici zingabonwa ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe. Nakuba ucwaningo luhlola lezi zici ezinhlanu, eyodwa ngesikhathi, kubalulekile ukukhumbula ukuthi ngokuvamile zitholwa zindawonye ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwepheshe.

## Kuyajabulisa

Kuwo womabili amazwe, kube nobufakazi bokuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kuletha injabulo ezinganeni. Abazali nezingane bavame ukusebenzisa igama elithi 'thanda' ukuchaza ukudlala ngezinto zobuchwepheshe, nalapho kudlalwa ngezinto okungezona ezobuchwepheshe ezhlobene nomhlaba wezobuchwepheshe.

Nokho, kubalulekile ukukhumbula ukuthi, injabulo etholwa yizingane ingase ilandele ngemva kokukhungatheka ekuqaleni. Ukuphumelela kuvame ukwanelisa kakhulu futhi kuyajabulisa lapho kudinga umzamo nokuzimisela ukuze uphumelele noma uxazulule inkinga. Lolu hlobo lokwaneliseka luhlobene eduze nokwakheka kokukhuthazela. Ukujabulela ukudlala kungase cube nzima ukukubona, njengoba izingane zisuke zigxile ekudlaleni kangangokuthi ubuso bazo kanye nesimo sazo somzimba asibonisi ukuthi zizizwa kanjani.


Kuyacaca ukuthi imizwa izingane eziyizwayo lapho zidlala ngezobuchwepheshe ingaba embi noma emihle. Abazali bachaza ukuthi izingane zisebenzisa ezobuchwepheshe ukuze 'zizole'lapho zingaphathekile kahle, kodwa ngezinye izikhathi ukusebenzisa ezobuchwepheshe kubangela ukukhungatheka nolaka. Bekuba njalo ikakhulukazi lapho izingane zicelwa ukuba ziyeku ukusebenzisa ezobuchwepheshe abazali abebekhathazeke ngesikhathi izingane ezsichitha kuzo.

Nokho, kuyaphawuleka ukuthi ngokuvamile abazali bebegxile ezintweni ezingezinhle ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe, hhayi kulezo ezijabulisayo.

### Izici ezinhlanu zokufunda ngokudlala



## Izici zokufunda ngokudlala - ENingizimu Afrika



## Kunenjongo

Kuwo womabili amazwe, akubanga khona ukungabaza kokuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kuyazizusiza izingane. Izingane zisebenzisa lokho ezikubone kubalingiswa, ezinhlelwani nasemafilimini eziwabona ezintweni zobuchwepheshe ekuphileni kwazo kwansuku zonke.

Ukudlala kwezingane kuhlale kuyingxenyne yalokho okwenzeka kabanzi ekuphileni. Kusuka ezintweni zobuchwepheshe kuye ezintweni okungezona ezobuchwepheshe, okusho ukuthi lowo mehluko ungase ungacaci kahle. Ngakho kunesidingo sokubona izingane zidlala ndawonye, zingagxili ekudlaleni ngento yobuchwepheshe ethile.

### Umbono wabazali ngento enenjongo

Ukuhlolisa ukudlala kwezingane kwabonisa ngendlela enamandla ukuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kunenjongo ezinganeni futhi kuxhumene ngokuseduze nokuphila kwazo kwansuku zonke nezinto ezizithandayo. Ngakho bekumangaza ukubona abazali bengakuqapheli lokhu kanye nokugcizelela ukudlala kwezingane. Lokhu kungenzeka kubangelwa ukuthi abazali bebenza okwabo ukwahlulela mayelana nokuthi yini enenjongo futhi bengakuboni lokho okubalulekile enganeni.

### Ukwehluka kanye nenjongo

Ukungabi khona kwezinto ezihlukahlukene eziqukethwe kwezokuzjabulisa zobuchwepheshe kungenza


ukudlalangezinto zobuchwepheshe kungabi nanjongo kwezinye izingane.

Abazali abaningana ocwaningweni baba nomuzwa wokuthi akukuningi okumelela iningi labantu abaseNingizimu Afrika emidlalweni yezobuchwepheshe nakuma-apps, abebhekwa njengabonisa izinto zaphesheya nokubaluleka kwazo. Ukungabi khona kokumelela akuyona nje inkinga ezinganeni zaseNingizimu Afrika, kodwa kuyinkinga nasezinganeni ezinsundu nezizwe eziyindlazana (BAME) e-UK.

Ngaphandle uma abakhiqizi balokho okuqukethwe ezintweni zezingane zezobuchwepheshe benza umzamo wokukhiqiza izinziza ezimelela ukukhula kwezingane ezihlukahlukene, ukuba nenjongo kokudlala ngezinto zobuchwepheshe kuyoba okulinganiselwe ezinganeni eziningi.

**Ukungabi bikho  
kokuhlukahluka  
kulokho okuqukethwe  
kwezobuchwepheshe  
kungabangela ukudlala  
ngezinto obuchwepheshe  
kungabi nanjongo  
kwezinye izingane.**

## Izici zokufunda ngokudlala - e-UK



Umthombo: Dubit/University of Sheffield - November 2019. BQ7-11. We are interested in children's active engagement with technology in play.  
When playing with technology, is your child... (Base: n=2429)

# Iningi lezingane ezineminyaka ephakathi kuka-3- 11 ziyakujabulela ukudlala ngezinto zobuchwepheshe futhi ngokuvamile ziyahileleka lapho zenza kanjalo.

## **Ukuhileleka ngokoqobo**

Ucwaningo luthole ubufakazi obuningi bezingane ezhilekayo lapho zisebenzisa ezobuchwepheshe: ukubonisa indlela yokucabanga ephapheme ngesinye sezici zokufunda ngokudlala.

Izingane bezivame ukubonwa zigxile kulokho ebezikwenza, ngokuvamile zigxilile kukho, ikakhulukazi lapho izingane

zihileke ekudlaleni imidlalo. Olunye uhlobo lokudlala ngezinto zobuchwepheshe olwaluzibamba izingane luuhlanganisa ukudweba usebenzisa i-tablet: ngezinye izikhathi izingane bezigxila kulokho isikhathi eside.

Abacwaningi bathole ukuthi mayelana nokuhileleka, izinga le-app noma umidlalo ngokwazi libalulekile ezingeni lokudlala izingane eziba nalo ngalokho. Amanye amadivayisi, ama-app kanye nemidlalo kwenza kube lula ngezingane ukuba zigxile kukho kunamanye, kodwa uma ingane nomdlalo noma i-app kuxhumana kahle, izingane zinganamatela kulowo msebenzi zigxile.

Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kuyazihilela izingane kuzenze zigxile, ngakho ukuhileleka kuyisici esibalulekile sokudlala. Ngempela, ama-app nemidlalo kuklanyelwe ukuba kuhilele futhi kukwenze ugxile. Abantu abadala kumelwe benze ukwahlulela mayelana nokuthi kunini lapho lokhu kuhileleka nokugxila kuba khona yingozi: akugcini nje ngabazali kodwa nothisha nabo, ngokusetshenziswa kokudlala ekufundeni okuhlose ukusebenzisa lesi sici sokudlala ekilasini, ukuze kwenziwe ukufunda kube mnandi kungabi yisicefe.

Ucwaningo lubonisa ukuthi, ngokulawulwa kahle, izinga eliphezulu lokuhileleka elenzeka lapho kudlalwa ngezinto zobuchwepheshe akudingeki libe yingozi, njengoba abazali abanangi besaba lokho.

## Kuyagcizelela

Ukndlala kokugcizelela (ukndlala okuvumela izingane ziphindaphinde lokho esezikwenzile, ngenjongo yokuhlola nokucwaninga) kwabonwa ezimweni eziningi ezinganeni, njengoba zisebenzisa ezobuchwephesh. Njengoba besekeuzeviwe, amanye ama-app nemidlalo kungcono kuneminye ekusizeni ingane ifune izinselele ezintsha, izame izisombululo ezintsha, izibekel eyazo imigomo futhi ishintshashintshe indlela yokndlala ngokuphindhaphinda.

Ezinye izinhlobo zama-app nemidlalo eyadlalwa yizingane inomklamo olinganiselwe kanye nokuqukethwe okungaguquki, ngakho awuthuthukisi ukndlala okuvulekile kokugcizelela. Ama-app nemidlalo evulekile, njenge-Minecraft ne-Roblox, inikeza amathuba ahlukahlukene okndlala ngokuphindhaphinda.



## Amaphuzu asemqoka

Kuningi okungenziwa ukuze kuthuthukiswe ezinye zezici zokufunda ngokndlala ngezinto zobuchwephesh.

Ukndlala kwezingane ngezinto zobuchwephesh kudinga usizo ukuze kuhilele abantu abanigi ngokwezinga elithile, futhi ivumele izingane ukuba zivivinye imibono zizame nezinto ezintsha.

Izingane kudingeka zinikwe ukuphuthuma okwengeziwe ekndlaleni kwazo ngezinto zobuchwephesh, zingalandeli nje indlela esibekiwe kakade ebekwe umdlalo noma yi-app kodwa zihileleke

kakhudlwana ekuzibekeleni eyazo imigomo nasekuzihleleleni izinto ngendlela yazo.

Izingane kudingeka zinikwe imidlalo ehlukahlukene ezingayidlala ngezinto zobuchwephesh: izingane ezihileleke ezinhlotsheni eziningana zokndlala zinamathuba amanigi okuhileleka nokujabula, ukuzama okusha nokuzihlanganisa nabanye.

Abazali, othisha nabaklami bemidlalo nama-app bonke bangasiza kulokhu- bheka okuthi 'Imithelela yalolu cwaningo.'

## **Ukuxhumana nabanye**

Ocwaningweni, kucacile ukuxhumana nabanye abanye kungenzeka lapho kudlalwa ngezobuchwepheshe, kuhlangane izinhlobo ezhilukahlukene zamadivayisi.

Kuyiqiniso ukuthi izingane zingafunda lukhulu ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe zizodwa, uma okuqukethwe yidivayisi kuvumelana nezidingo zazo. Abacwaningi babona izibonelo eziningi zokudlala wedwa ezazimandi, zizuzisa, zinezinselele futhi ezabangela ukufunda izinto eziningi. Okunye ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kungaba okokudlala wedwa, uma izingane zidlala imidlalo eklanyelwe lokhu. Izingane ezidlala zodwa akumelwe zibhekwe kabi.

Nokho, amanye ama-app nemidlalo ikhuthaza ukuhlangana nabanye abantu futhi lokhu kuhlangana nabantu kungenye yezinzu zo ezibaluleke kakhulu zalolu hlobo lokudlala: kube nobufakazi obuningi kulolu cwaningo.


Siyaphinda futhi, lolu hlobo lokudlala luncike ohlotsheni lwedivayisi kanye nomdlalo izingane eziwudlalayo. Imishini yokudlala imidlalo igxila kakhulu ekudlaleni nibaningi, hhayi nje kuphela lapho imidlalo ilandlela uhlelo lwabdlali abanangi: izingane ngezinye izikhathi zidlala ndawonye zisebenzisa umshini owodwa. Ukunikana amathuba okudlala kuyingxenyebalulekile yokusebenzisana ezinganeni njengoba zidlala ngezinto zobuchwepheshe.

Ezindleleni eziningi ukudlala ngezobuchwepheshe okuqinisa ngayo ukusebenzisana kwabantu emindenini, ukudlala okuhlanganisa izizukulwane eziningi kwabonakala kubalulekenakakhulu.

## **Ukudlala okuhlanganisa izizukulwane ezhilukahlukene kwabonakala kubaluleke kakhulu.**



# Ukuhileleka kwabantu abadala ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwepheshe



**Ukuhileleka kwabantu abadala  
(kuhlanganise abazali, ogogo  
nomkhulu kanye nothisha)  
kubaluleke kakhulu ekubumbeni  
indlela izingane ezidlala ngayo  
ngezinto zobuchwepheshe.**

## Umbono wabantu abadala ngokusebenzisa kwezingane izinto zobuchwepheshe

Ucwaningo lubonisa ukuthi abazali nabanye abantu abadala banemibono eminingi ehlukahlukene ngokusebenzisa kwezingane izinto zobuchwepheshe.

Okuhle ukuthi, abazali, abaholi bomphakathi kanye nothisha babona ukndlala ngezinto zobuchwepheshe njengokuwusizo ekufundeni ngezobuchwepheshe, kanye nokusiza ekwakheni amakhono ezobuchwepheshe angasiza izingane esikoleni nalapho sezisebenza esikhathini esizayo.

Ngesikhathi esifanayo, abantu abadala ngokuvamile babona ukndlala ngezobuchwepheshe njengomklomelo, njengesiphazamiso ezintweni ezibaluleke 'ngempela' ekuphileni, njengomsebenzi.

Ucwaningo luthole nokuthi abantu abadala abaningi bayakhathazeka ngezinto okucatshangwa ukuthi azizinhle ngezobuchwepheshe. Abanye abazali bakhathazeka ngokuba 'umlutha' wezinto zobuchwepheshe, mayelana


nokuthiokuqukethwe kwezobuchwepheshe kuzilungele yini izingane, nangezingozi izingane ezingabhekana nazo ku-inthanethi. Abanye abazali eNingizimu Afrika bebekhathazeke ngomthelela wemidlalo enodlame ezinganeni. Abanye abazali babona ukndlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe 'njengokuvilapha', njengokungabangeli ukuhlangana nabantu uma kuqhathaniswa nokudlala okungahileli ezobuchwepheshe, noma njengento nje yokudlala ngesikhathi.

Kuye kwaphawuleka ukuthi abazali abagxili kakhulu emakhonweni ezenhlahlo, umzwelo, ingqondo kanye nobuciko angakheka ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe, uma kuqhathaniswa nezinzu zoekufunda nokukhula. Lokhu ngokuyingxene kubangelwa ukuthi, nakuba izikole eziningi zicizelela izinzuso zezobuchwepheshe, abazali abayizwa imiyalezo efanayo ngezinzu zoekufunda nokudlala ngezobuchwepheshe.


Ucwaningo luthole nokuthi ngezinye izikhathi abazali banemibono yezici ezingezinhle ngokudlala ngezinto zobuchwepheshe, lapho kucaca bha ukuthi ukndlala okunjalo emizini yabo ngokuvamile kwenzeka ngendlela elinganisela kahle. Abanye abazali bangase babe nemibono enamandla abayizwa kwabezindaba yokusebenzisa kwezingane ezobuchwepheshe, ngisho noma izinto ezinjalo bengakaze bazibone.

Abazali abathile bebenomuzwa wokusala ngemuva njengoba bekuthola kunzima ukulawula ukusebenzisa kwezingane zabo ezobuchwepheshe, futhi banomuzwa wokuthi bona ngokwabo abanalo ulwazi lokusebenzisa ezobuchwepheshe.

## Imibono yabazali nezinquo- eNingizimu Afrika



## Imibono yabazali nezinquo - e-UK



Umthombo: Dubit/University of Sheffield - November 2019. DQ1. Please indicate how much you agree or disagree with one of the following statements. (Base; n=2429)

### **Emndenini: abazali nabanye abantu abadala bahileleka kangakanani ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe?**

Abazali ocwaningweni babonisa izindlela ezingafani zokuhileleka ekudlaleni kwezingane ngezinto zobuchwepheshe.

Ukuhileleka kwabazali kuyahlukahluka kuye ngeminyaka ngezingane: njengoba izingane zikhula, ngokuvamile ziye zifune ukuzimela ekusebenziseni ezobuchwepheshe, futhi ukugadwa abazali kuya kuncipha njengoba beva eminyakeni eyishumi nantathu.

## Abazali banakekela ukudlala kwezingane ngezindlela ezilandelayo:

### Ukudlala Okungaqondiswa

Abazali bahlinzeka ngezinsiza  
nendawo ukuze izingane zidlale  
ngaphandle kokuqondiswa



### Ukudlala Okuqondiswayo

Abazali basize izingane  
ekudlaleni kwazo  
ngezobuchwepheshe, futhi  
ngezinye izikhathi badlala nabo



### Ukudlala Umdlalo

Abazali badlala imidlalo  
yezobuchwepheshe nezingane  
noma bazichazela imithetho  
yemidlalo



#### *Umehluko phakathi kokudlala okungaqondiswa nokudlala okuqondiswayo*

Ukufunda okuningi okwenzeka ngezobuchwepheshe yilobo  
obungaqondiswa; ukudlala okungaqondiswa okuqalwa  
yingane. Ocwaningweni, abantu abadala babonwa bechitha  
isikhathi esiningi bebuka noma belalela izingane zizidlalela  
ngezobuchwepheshe ngaphandle kokungenela. Kodwa  
ngokubuka nje izingane zizidlalela ngaphandle kokuqondiswa,  
abazali bangathola ulwazi nokuqonda izinto ezithandwa  
yizingane zabo kanye namakhono azo lapho kuziwa ekudlaleni  
ngezinto zobuchwepheshe, okubenza bakwazi ukuhlinzeka  
izingane ngalokho ezikudingayo noma ukuzisiza ekuqaleni  
imidlalo yevidiyo.

Abanye abazali bachitha isikhathi esiningi nezingane zabo,  
benakisisa indlela ezidlala ngayo ngezobuchwepheshe,  
bekhuluma nazo ngalokho ezikwenzayo futhi ngezinye  
izikhathi bezibandakanya.

Abacwaningi babona nokudlala okuqondiswayo, lapho khona  
abantu abadala besekela izingane ukuba zifinyelele umgomu  
othile: ngokuvamile lokhu kuhilela ukusiza izingane ukuba  
zisebenzise amadivayisi.

Ukuhileleka kwabazali kwabonakala kugxile kulokho  
abakhululeke kukho. Ngezinye izikhathi kukhona inkinga  
yobulili, ngokwesibonelo obaba badlala kakhulu imidlalo  
yezemidlalo nezingane zabo.

Ucwaningo luthole ukuthi, nakuba abazali bebonisa  
ukuzethemba ekukwazini ukusebenzisa ezobuchwepheshe,  
ukuhileleka kwabo ekudlaleni kwezingane bekungancikile  
ngaso sonke isikhathi emakhonweni nolwazi lwabo  
Iwezobuchwepheshe. Lokhu okutholakele kubalulekile  
njengoba abazali abanangi bengenalo ulwazi  
Iwezobuchwepheshe, kodwa lokhu akudingeki kube  
yisithiyo ekusekeleni ukufunda ngokudlala kusetshenziswa  
ezobuchwepheshe.

#### *Kunini lapho abazali bengenela khona ukuze bavimbe ukudlala?*

Abazali bachaze izindlela eziningi abangenela ngazo  
ukuze bavimbe ukudlala ngezinto zobuchwepheshe,  
futhi baxoxa ngezimo lapho bengakuyekisa khona -  
lapho kunokuqukethwe okungavunyelwe, lapho ukudlala  
kuphenduka impikiswano, nalapho benomuzwa wokuthi  
izingane sezichithe isikhathi esanele emsebenzini othile.

## **abantu abadala ngaphandle kwabazali: ukubaluleka kokuba ogogo nomkhulu kanye nabantu ingane ezalwa asebebadala ukuba nabo babandakanyeke**

Nakuba ucwaningo lokubandakanyeka kwabantu abadala ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe kuvame ukugxila endimeni yabazali, abantu abadala abangebona abazali nabo badlala indima ebalulekile. Kuyathakazelisa ukuthi okunye kokudlala ndawonye okukhululekile, okungekhona okwemfundu kwezobuchwepheshe okwabonwa ocwaningweni, yilokho okuphakathi kwengane nogogo noma umkhulu wayo. Kunanjalo nangosisi nobhuti abadala bezingane, okungenze ka kwabona sebengabantu abadala, badlala indima ebalulekile ekubumbeni ukudlala kwazo ngezinto zobuchwepheshe.

## **Ukuhileleka kwabantu abadala ezikoleni nasemphakathini wonkana**

Njengoba kungase kulindeleke, ucwaningo olwenziwa ezikoleni lubonisa ukuthi othisha bavame

ukuhileleka ngendlela eqondile ekusebenziseni kwenganeezobuchwepheshe. Izindlela zemfundo njengokufunda ngokuqondile, ukufunda ngemibuzo kanye nokufunda ngokuxazulula izinkinga, konke kungahilela ukusekela kothisha ukufunda kwezingane ngokusebenzisa ezobuchwepheshe, okuzinika ithuba lokuhlol, lokuzama okusha kanye nokufunda ngemizamo namaphutha. Nokho, mancane amathuba okuba othisha bakhuthaze izingane ukuba zihileleke ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe ezivulekile, ezingenawo umgommo ocacile.

Ezinganeni ezsencane, abantu abadala babonakala benganikezi ziqondiso eziningi, nakuba bebeqondisa uma beqhathaniswa nabantu abadala abaningi emakhaya abo.

Ekugcineni, ikhaya nesikole akuzona kuphela izindawo abantu abadala abangabumba kuzo indlela izingane ezidlala ngayo ngezinto zobuchwepheshe. Ucwaningo luhlanganise nokubuka izingane zifunda ngezobuchwepheshe ezindaweni zomphakathi njengasemakilabhini angemva kwasikole.



# 04.

## Imiphumela yalolu cwaningo

**Okutholakale ocwaningweni kunemithelela  
ehlukahlukene kubabambiqhaza abahlukahlukene:**



Okwabazali



Okothisha



Okwemboni  
yamathoyizi  
neyezindaba  
nokuzijabulisa



Okwabenzi  
bemithetho



Okwabacwaningi

### Okwabazali

Ucwaningo lunemithelela eminingana ephawulekayo kubazali Okokuqala, kunombuzo wosizo olwengeziwe nemininingwane abazali okumelwe bahlinzekwe ngakho, ukuze baqonde kangcono ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe.


- Kuyacaca ukuthi usemkhulu kakhulu umsebenzi okumelwe wensiwe ukuze kuqinisekiswe abazali ngokuthi ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kubalulekile, futhi banikezwe ukwesekwa nesiqondiso.
- Imyalezo emayelana nokubaluleka kokudlala ngezinto zobuchwepheshe kumelwe ihlelwé ngendlela okulula ukuyifinyelela, futhi kudingeka kukhulunywe nabazali ngolimi lwabo lwebele. Kungasiza kakhulu uma abazali ngokwabo bengahileleka ekukhiqizweni kwala zinsiza.
- Ikakhulukazi abazali kufanele banikwe imininingwane ngezinhlobo zokufunda namakhono ukudlala ngezinto zobuchwepheshe okusiza izingane ziwhathole: hhayi njé amakhono engqondo nolwazi lwehlalo, kodwa amakhono omzimba, ezenhlalo, ezomzwelo kanye nawobuciko abazali abavame ukungawaqapheli.

Mayelana nalokho abazali abangakwenza ukuze basekele izingane zabo futhi bazibandakanye ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe, ucwaningo luncomela izinto eziningana.

- Abazali kudingeka bazijwayeze izindlela zokudlala ngezobuchwepheshe eziholwa yizingane nezigxile ekukhiqizeni ezobuciko, kunokudlala kuphela imidlalo nezingane (nakuba nalokhu kubalulekile nalokho).
- Abazali kufanele bakhuthazwe ukuba bakhulume nezingane zabo ngezindlela ezinenjongo mayelana nokudlala kwazo ngezinto zobuchwepheshe, ukuze kube nokuqonda okufanayo mayelana nalokho okuhilelwa ukudlala. Lokhu kungahlanganisa izingxoxo mayelana nokubhekana nezingozi ku-inthanethi, kodwa akufanele zigxile ezintweni ezimbi kuphela kungabe kusaxoxwa ngezinto ezinhle, njengamatubha ahlinzekwa ezobuchwepheshe.
- Izici ezinhlanu zokufunda ngokudlala, ezivezwe yi-LEGO Foundation kanye nebambisene nabo, zinika abazali indlela ewusizo yokucabanga ngokudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe. Abazali bangaboniswa izindlela zokuthuthukisa izici ezinhlanu ngokuphathelene nokudlala kwengane.
- Abazali banganikwa iseluleko sezindlela zokudlanganisa okudlala ngezinto zobuchwepheshe nezinto okungezona ezobuchwepheshe ukukhuthaza ukusetshenziswa kwazo zombili. Lokhu kungabaluleka ikakhulu kubazalo abanomuzwa wokuthi izingane zabo zichitha isikhathi esiningi kwezobuchwepheshe.



Okwabazali



Okothisha

Okwemboni  
yamathoyizi  
neyezindaba  
nokuzijabulisaOkwabenzi  
bemithetho

Okwabacwaningi

## Okothisha

Izikole ziyindawo ebaluleke kakhulu izingane eziningi ezihlangana kuyo nezobuchwepheshe, nalapho zithaththa khona imibono ziye nayo emakhaya lapho ziylola khona kabanzi. Ucwaningo lunemithelela ebalulekile kothisha.

- Nakuba sekuthathwe amagxathu amakhulu ekusebenziseni ezobuchwepheshe zemfundu ezikoleni, kusekhona isikhala sokuthuthukisa ezindleleni zokusebenzisa ukndlala kwamanyi amakilasi.
- Kunesidingo sokwandisa okutholwa yizingane ukuze zibe namathuba engeziwe okuhileleka ekusebenziseni ezobuchwepheshe ezivuliwe, zobuciko, ezihiela izingane ekudlaleni nasekuzameni okusha ngedivayisi. Lokhu kuzodinga ukuba izikolo zabele isikhathi esengeziwe nezinsiza.
- Othisha kufanele bethule indlela esabalele yokufundisa ngokusebenzisa ezobuchwepheshe, enamazinga aqhubekayo okndlala okungaqondiswa kanye neziyalo zokuqondisa.
- Othisha kufanele babheke ezobuchwepheshe njengolimi olwenezelwe izingane ezingalusebenzisa ukuze zikhulume ngokukhululekile.
- Izingane ngokwazi zingahilelka ekuhleleni imfundu efundwayo ecabangela izinto ezithandwa yizingane njengokufunda ngezobuchwepheshe.
- Izikole zingenza okwengeziwe ukuze zisebenzise ezobuchwepheshe ukuze ziophe ukufunda kwezingane, futhi zivumele izindlela zobuciko.
- Izikole zingacabanga ngendlela ezingahlinzeka ngayo ngendawo yesikhashana noma engasuki yokuklama (izindawo eziqondile eziqukethi) izinsiza ezihlukahlukene ezobuchwepheshe noma okungezona ezobuchwepheshe zokukhiqiza

noma ukndlala), okuye yabonakala ithuthukisa ukndlala ngezobuchwepheshe, ukuzama okusha nokwenza okusha. Izikole zingacela ukusekelwa amabhizinisi asendaweni, izinhlangano ezingenzi nzuzo kanye nezikhwama.

- Othisha kufanele bakhumbule ukuthi ukndlala ngezinto zobuchwepheshe akugcini nje ngokwakha amakhono engqondo nolwazi lwesthlko, kodwa kusiza izingane zakhe amakhono ahlukahlukene omzimba, ezenhlalo, omzwelo kanye nawobuciko. Kungasiza uma lo myalezo ungaluliselwa kubazali.
- Lolu cwaningo lubonisa ngokucacile ukuthi izikole zidlala indima ebalulekile ekukhuthazeni ukndlala ngezinto zobuchwepheshe ekhaya, okuyinto ebalulekile uma kungekuningi ukusebenzisa kwengane ezobuchwephe ekhaya. Isikole singaphinde sibe umthombo omuhle wokusekela abazali abafuna amacebo okugxilisa ezobuchwepheshe ekuphileni kwezingane ngezindlela eziphephile neziphumelelayo. Izikole kufanele zicabange ngendlela ezingenza ngayo okwengeziwe kulokhu, ngokwesibonelo ngokuhlela imihlangano yokuqequesha abazali ngendlela yokusekela ukufunda kwezingane ngokndlala ngezobuchwepheshe.
- Izici ezinhlanu zokufunda ngokndlala, eziye zatholwa yi-LEGO Foundation kanye nebambisene nabo, zingasiza ekwakheni izindlela zokufundisa ngokndlala, futhi kungakhiwa umhlahlandlela wezikole ukuze kuqinisekiswe ukuthi lezi zici ziayagxilisa emakilasini ngokufunda ngezobuchwepheshe.
- Izikole eziningi zihlela imisebenzi yangemva kwesikole, engahlanganisa ukndlala ngezobuchwepheshe. Uma kungenzeka, izikolo zingasekela lokhu ngokuqequesha nokubolekisa ngamathuluzi isikhathi esifushane.



Okwabazali



Okothisha



**Okwemboni  
yamathoyizi  
neyezindaba  
nokuzijabulisa**

Okwabenzi  
bemithetho

Okwabacwaningi

## Okwemboni yamathoyizi neyezindaba nokuzijabulisa

Ucwaningo lubonisa ukuthi ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe kungathonywa umklamo wemidlalo ethile, ama-app namadivayisi. Kunezinto ezibalulekile okumelwe zicatshangelwe yimboni yamathoyizi nokuqukethwe kwezobuchwepheshe.

→ Tlmboni yokuzijabulisa kwezingane kufanele isebenzele ukukhiqiza uhlulwemithetho yezobuchwepheshe nokudlala, ukuze kuqinisekiswe ukuthi imikhiqizo icabangela ngokuyinhloko izingane. Le mithetho kungadingeka yenabe ukuze ihlanganise namadivayisi ezobuchwepheshe, ama-app nemidlalo, izinsizakalo zaku-inthanethi namasofthiwe. Phakathi kokunye, le mithetho kufanele igcizelele isidindo semikhiqizo namasevisi ukuba

- afanelane neminyaka yengane

- asekele ukufunda

- ahlangabezane nezidingo zokufunda nokukhula

- ahlukahluke ngokuvumelana namasizo nezilimi

- avumele izingane ukuba zidlale ngokuphephile

- akhuthaze ubuciko nokusebenzia umcabango

- avumele izingane zikhethethu futhi zizinqumele

- ak huthaze ukusimama

- ahlolwe ukuthi ayakufaneleka yini ukusetshenziswa yizingane ngaphambi kokukhululwa

→ Ucwaningo lubonisa ukuthi imidlalo eminingi yezobuchwepheshe edlalwa yizingane ibonisa umcabango wamazwe aphesheya: kunesidindo esiphuthumayo sokucwaninga nokuklama imikhiqizo yezokuzijabulisa yezobuchwepheshe evumelana namasiko ezingane kuwo wonke umhlaba.

→ Abakhiqizi kufanele bagxile ekhakhiweni kwamathoyizi, imidlalo nama-app abonisa hhayi kuperha ukuhluwahluka kwamazwe omhlaba namasiko kodwa nokunye ukungafani okukhona. Lokhu kungahlanganisa ukungafani ngokobuzwe/ uhlanga, ukumelelwa kwabantu abakhubazekile, iminden enabazali abayi-LGBT+ kanye/noma amanye amalungu omndeni, iminden enabazali abangabodwa, njalo njalo. Imidlalo kumelwe ibonise ukuhluwahluka kokuphila kweminden.

→ Uma kungenzeka, imboni kufanele yenze okwengeziwe ukucela izingane ukuba ziklame amathoyizi ezobuchwepheshe. Lokhu kungenziwa ngokubuka ukudlala okwandisiwe, kodwa futhi nangokukhuluma nezingane ngemikhiqizo, ingane ngayinye noma ukukhuluma nazo njengamaqembu.

→ Imikhiqizo eyengeziwe ingenziwa eseenza nge- thanethi nangaphandle kwayo, kuhlanganise engokoqobo yokudlala ngaphandle.

→ Kunesidingo zokukhiqiza imidlalo eyengeziwe namadivayisi ukuse kusekelwe ukudlala komndeni. Abaklami kufanele bagxile ekwenzeni kube lula ukujwayelana nomdlalo nalokho umuntu angakwenza ngawo, futhi kufanele bacabange ngezindlela ezidinga umcabango zokusebenzia abasizi bezobuchwepheshe lapho kudlalwa imidlalo.

→ Kuningi okungenziwa ukuze kukhiqizwe imidlalo eyenza kube ngathi ulapho ngokoqobo, kugxilwe kakhulu ekwakhiweni indaba exoxwayo ku-VR.

→ Ekungcineni, ukudlala ngezobuchwepheshe kuhilela ukukhiqizwa kokuqukethwe futhi okunye kwalokhu okuqukethwe kugxile kubakhiqizi bamathoyizini, bemidlalo nama-app. Ngakho, izinkampani kufanele zicabange ngezindlela ezidinga umcabango zokusebenzia lokhu okukhiqizwe umsebenzisi ngendlela efanele.



Okwabazali



Okothisha

Okwemboni  
yamathoyizi  
neyezindaba  
nokuzijabulisa**Okwabenzi  
bemithetho**

Okwabacwaningi

## Okwabenzi bemithetho

Ukudlala ngezinto zobuchwepheshe kubaluleke kakhulu ekufundeni kwengane, noma kunjalo kuye kwanganakwa ngokuphatelene nokwenziwa kwemithetho.

- Abenzi bemithetho kudingeka bacabangele indlela ukudlala ngezobuchwepheshe okungafakwa ngayo ekwakhiweni kwemfundo.
- Abenzi bemithetho kudingeka bawalalele kakhudlwana amazwi ezingane lapho benza imithetho emayelana nokudlala ngezinto zobuchwepheshe. Lokhu kudinga ukuba kwensiwe ngendlela emeleta imiphakathi ehlukahlukene.
- Amaphuzu ocwaningo esidingo sokwenza umthetho wezobuchwepheshe obanzi kakhulu kunokugxila kwezokuphepha ku-inthanethi nendlela yokubhekana nezingozi. Kudingeka siyiqaphele indima yokudlala ngezinto zobuchwepheshe ekufundeni nasekukhuleni kwezingane, kanye nezinuzo kwezenhlalo, umzimba, nezingokomzwelo zokudlala ngezinto zobuchwepheshe.

→ Kudingeka kugcizelelwé kakhudlwana ikhwalithi yezobuchwepheshe, imikhiqizo, amadivayisi namasofthiwe aklanyelwe ukusetshenziswa yizingane lapho zidlala. Ohulumeni bangabeka imithetho futhi bagunyaze noma banyathelise uhlui wemikhiqizo egunyaziwe, okungaba wusizo kubazali.

Izinhlelo zothisha zokufundisa kudingeka zithuthukiswe ukuze zibhekane nendaba yokudlala ngezinto zobuchwepheshe, kukhuthazwe izindlela ezivulekile kanye nokuzama izinto ezintsha kunokusebenzisa ukufunda okuqondiswayo kuphela, futhi kwakhelwe ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe kwasekhaya.

→ Abenzi bemithetho kudingeka banike abazali ukusekela okwengeziwe ekuqondeni indlela yokuzibandakanya ekudlaleni kwezingane zabo ngezinto zobuchwepheshe.






Okwabazali



Okothisha

Okwemboni  
yamathoyizi  
neyezindaba  
nokuzijabulisaOkwabenzi  
bemithetho

Okwabacwaningi

## Okwabacwaningi

Ucwaningo olwengeziwe luyadingeka ezindabeni eziningi ezipifikanyiswe ocwaningweni.

- Kube nobufakazi obucacile bokuthi izici ezinhlanu zokufunda ngokudlala zonke zingabonwa ekudlaleni ngezinto zobuchwepheshe. Nokho abantu abadala ababoni ngaso sonke isikhathi indlela lezi zici ezingavezwa ngayo ukuze zithuthukise ukufunda kwezingane ngokudlala ngezobuchwepheshe. Ucwaningo olwengeziwe kufanele lugxile ekukhiqizweni nasekuhlolweni kwenqubo egcono yomhlahlandlela kule ndawo.
- ENingizimu Afrika, imizamo yesikhathi esizayo yokuthuthukisa ukudlala kwezingane ngezinto zobuchwepheshe kudingeka kucabangele izingqinamba izingane ezibhekana nayo, njengolimi, ukwehluka, ukungabi nazo izinsiza nengqalasizinda kanye nesikhala esincane samakilasi. Ucwaningo olwengeziwe luyadingeka ukuze kuqondwe izingqinamba ngokugcwale, ikakhulukazi njengoba ucwaningo oluthi Izingane, Ezobuchwepheshe Nokudlala kugcile e-Cape Town nase-Cape Flats.
- Ucwaningo lubonisa ukuthi kunesidingo socwaningo oluhianganisa yonke indawo ukuba luhlole ukuthuthuka kokudlala ngezinto zobuchwepheshe emndenini njengoba isikhathi siqhube, nokusiza abacwaningi bakhe ubuhlobo obuhle nobuhlala njalo nezingane, abazali/abanakekeli bezingane, othisha kanye nabaholi bomphakathi. Umsebenzi onjalo udinga ukusebenzisa amazwi ezingane ngangokunokwenzeka, futhi kufanele uhlanganise amaqembu amancane ezihlanga, izizwe nezilimi.
- Ubuningi balokho okuqukethwe kwezobuchwepheshe izingane ezikwazi ukukufinyelela kubhalwe ngesiNgisi, kodwa lolu akulona ulimi lwebele lwenzingane eziningi Ukuhlola kabanzi kuyadingeka kwezindlela ukudlala kwezingane okungadlulela ngayo kwezinye izilimi.
- Ucwaningo oluningi lokudlala lugxila ezinganeni ezis encane, njengoba kucatshangwa ukuthi ukudlala kubalulekile noma kusebenza kubo. Ucwaningo olwengeziwe luyadingeka ukuze kuhlolwa ukudlala kwezingane eseziindala, nokuhlolwa indlela izikole zamabanga aphakeme ezingabona ngayo ukabaluleka kokudlala futhi zikufake ukudlala ngezinto zobuchwepheshe.
- Kudingeka kuhlolwe nokubaluleka kokudlala ngezinto zobuchwepheshe ekufundeni nasekuxhumaneni kwabantu bezizukulwane ezingafani.
- Kunesidingo sokucabanga ngezindlela ezengeziwe zokuqoqa imininingwane yokudlala ngezinto zobuchwepheshe. Izingane, Ezobuchwepheshe Nokudlala ihlanganisa amavidiyo, izithombe, imidwebo, amabalazwe nemifanekiso, kodwa kukhona ezinye izindlela ezingasiza kakhulu ekucwaningeni ukudlala ngezinto zobuchwepheshe, kanye nezindlela ezhilelayo zokubambisana nezingane ekucwaningeni isihloko ezisithanda kakhulu.





Izingane ziyawuphikisa  
umbono othi ukudlala,  
ukufunda nezobuch-  
wepheshe  
ziyizinto ezintathu  
ezihlukene.



The LEGO Foundation

LEGO Fonden  
Højmarksvej 8  
DK-7190 Billund

CVR. nr.: 12 45 83 39  
ISBN: 978-87-999589-8-6